

NJENGO KHOZI LUHLAKAZA

ISIDLEKE SALO BESE LUBHAKUZA

PHEZU KWAMACHWANE ALO



Sikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

² Nkulunkulu onomusa, siyajabula ukuba seBukhloneni baKho futhi kulentambama enhle yesabatha ukunikela kuWe ukuzwakalisa kwezinhliziyi zethu, ngomkhuleko. Futhi siyazi ukuthi Wena uyezwa, futhi uzophendula zonke izinxuso esizicelayo, ngoba sicela lesisibusiso eGameni likaJesu, ukuthi Uzoza kithi namhlanje futhi ududuze izinhliziyi zethu. Busisa abagulayo nabadingayo, baphulukise, Nkosi, sindisa abalahlekile, zitholele udumo kuWe uqobo. Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

³ [UDokotela Lee Vayle ufunda umBhalo kuDuteronomi 32:1-12—Umhl.]

[Bekani indlebe, nina mazulu, ngiyakukhuluma; umhlaba, mawuzwe, amazwi omlomo wami.]

[Imfundiso yami iyakuconsa njengemvula, inkulumo yami ichiche njengamazolo, njengomkhizo ohlazeni, nanjengezihlambi etshanini.]

[Ngokuba ngiyakumemezela igama leNkosi: mnikeni uNkulunkulu wethu ubukhulu.]

[UyiDwala, umsebenzi wakhe uphelele: ngokuba zonke izindlela zakhe zingukwahlulela: unguNkulunkulu wokuthembeka ongenakonakala, ulungile futhi uqotho.]

[Bazingcolisile, ibala labo alisilo ibala labantwana bakhe: bayisizukulwane esiphambeneyo nesiyisigwegwe.]

[INKOSI niyivuzza kanjalo nina, bantu abayiziwula nabangahlakaniphile na? akasiye uyihlo owakudala na? wakwenza, wakubumba na?]

[Khumbula izinsuku zasendulo, ubheke iminyaka yezizukulwane ngezizukulwane: buza kuyihlo, uyakukulandisa; nasemalungeni akho, akutshela.]

[OPhezukonke lapho abela izizwe ifa lazo, lapho ehlukanisela abantwana baka-Adamu, wamisa

imingecele yezizwe ngokwenani labantwana bakwa-Israelayeli.]

[Ngokuba isabelo seNKOsi singabantu bakhe; UJakobe uyisifunda sefa lakhe.]

[Wamthola ezweni eliyihlane, nasoqwathuleni lomkhulungwane kwahlongasibi; wamzungeza, wamnakekela, wamgcina njengenhlamvu yeso lakhe.]

[Njengokhozi lunyakazisa isidleke salo, lubhakuza phezu kwamachwane alo, welula amaphiko akhe, wabathatha, wabathwala ngamaphikho akhe:]

[YiNKOsi kuphela eyamqondisa, akukho nkulunkulu wabezizwe onaye.]

⁴ Ngiyabonga, Mfowethu Vayle.

⁵ Ngizofisa ukusho kulentambama, ukuthi abafana usanda kungitshela nje ukuthi sebephelelwe yizincwadi ne—nezithombe, futhi basho ukuthi masinya emva kwenkonzo, uma ubufuna ukuba nazo, ngani, bebeyobe bethatha ama-oda edeskini.

⁶ Ngeke sizithengise ngeSonto, angikaze ngikwenze lokho, kodwa ziphelile ezinsukwini ezithi azibe mbili ezedlule, futhi ngakho bebengenazo eziningi kakhulu nabo. Nezincwadi iyanyatheliswa manje, kungukuthi, lokho kusemshinini wokunyathelisa, ziyaphrintwa, zizophuma ezinsukwini ezimbalwa, sizozithumela kini.

⁷ Manje, khumbulani kulobubusuku, futhi masinya emva kwenkonzo, inkonzo yokuvangela kulentambama, ukuthi umfana wami, uBilly, nabafana lapha, bazobe benikezela ngamakhadi omkhuleko, hlalani nje ezihlalweni zenu emva kwenkonzo, nina enifuna amakhadi omkhuleko. Bese kuthi-ke, kulabo abangakwazanga ukungena, bazokhipha cishe amashumi amahlanu awo kulentambama, bese kuthi-ke cishe amashumi amahlanu ngaphezulu kulobubusuku ngesithupha ngo. Ngakho manje, nina enifuna ikhadi lomkhuleko ningahle nibe nalo, noma ubani owafunayo.

⁸ Manje, okwendikimba kulentambama, ngifisa ukukhuluma ngendaba ethi: *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo Bese Lubhakuza Phezu KwamaChwane Alo.*

⁹ Lena kunalokho yindaba engavamile, futhi iphimbo lami alikho ngempela ezingeni lokuzama ukukhuluma ngalendaba, kodwa nje ngethemba kuNkulunkulu namhlanje ngenkonzo encane nje yokuvangela uNkulunkulu azosifundisa yona, mhlawumbe into ethize esifanele siyazi ngokulunga kwaKhe nokunakekela kwaKhe ngabantu baKhe. Ngijabula kakhulu kanye ukwazi ukuthi—ukuthi kukhona owangempela, weqiniso, noNkulunkulu ophilayo, Osaphila futhi othanda abantu baKhe.

¹⁰ Futhi manje indikimba yethu kulentambama: *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo*. Bengihlala ngizibuza ukuthi kungani uNkulunkulu eke wafanisa ifa laKhe nezinkozi. Futhi mina, ngolunye usuku, ngiqala ukufundisisa ngokuthi lwaluyini ukhozi. Futhi njengokuphila ehlane ingxenye enkulu ngokwedlulele yempilo yami, nezinkomo, nangasezinkozini ezweni lapho ngangiklabisa khona izinkomo e-Arizona, nasenhla eNew Mexico, naseColorado, ngafundisisa kakhulu ngokhozi, imikhuba yalo. Kwase kuthi-ke, ngolunye usuku ngagijimela kulendikimba, ngakho ngacabanga, “Kungani Afanisa ifa laKhe nezinkozi na?” Ngase-ke ngiqaphela ukuthi kukhona cishe izinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene zezinkozi, izinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene. Igama *ukhozi* lisho ukuthi, “umondli ngomlomo wenyoni, umlomo, owondla ngomlomo.”

¹¹ Manje, Wayengalifanisa kanjani ifa laKhe nokhozi kuyoba... Niyakhumbula Wathi abantu baKhe, beyizinkozi, ikakhulukazi abaprofethi baKhe, wase-ke Ezifanisa nokhozi, UnguJehova-Khozi, futhi singamachwane aKhe okhozi, abancinyane. Nokuthi Usondla kanjani ngomlomo waKhe uQobo: “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” UNkulunkulu wondla izinkozi zaKhe nge, ngeZwi laKhe, iZwi laKhe elikhulunywe.

¹² Manje, ngike ngaba... Izikhathi eziningi ngihlale phansi futhi ngajabulela isiteki esihle, noma idina elihle lenhlanzi, noma inkukhu futhi ngakujabulela, kodwa bengingasoze ngakujabulela nje njengokuhlala phansi etafuleni likaJehova futhi nje ngiMvumele asondle ngeZwi laKhe elihle.

¹³ Niyazi, Liya kwingaphakathi lethu, nebandla libulawa yindlala namhlanje ngenxa yamanye aleloZwi, akukho lutho oluzothatha indawo yaLo, akukho lutho oluzothatha indawo ezinkozini, kodwa uKudla kwangempela, uKudla kwezinkozi. Futhi siyizinkozi, ngakho sifanele sibe noKudla kokhozi, hhayi imibuthano yezenhlahlswano, hhayi izinkulumbo zezombusazwe, noma hhayi iphathi ethize encane yokutisha uthunge, kodwa sidinga uKudla kwezinkozi okuthize, sondliwe ngomlomo kaJehova-Khozi, yingakho Asifanisa nezinkozi.

¹⁴ Enye into ingukuthi mayelana nokhozi, luyinyoni ekhethekile, a—alufani nanoma yiyiphi enye inyoni. Ukhozi luqine kakhulu, futhi lundizela phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni eyaziwayo, ayikho inyoni engahlala naLo. Niyazi, ubona uklebe ukhuphukela emoyeni, kodwa uma uklebe uzame ukulandela ukhozi, ubuyobuthuka, ukhozi luyinyoni eqine kakhulu ngokwedlulele. Lungandiza luye phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona, futhi yingalesosizathu uJehova asifanisa nezinkozi, kalula nje ungaphakama ngaphezulu

ngokwedlulele kunenyoni ejwayelekile. Ngiqonde ukuthi, ngikhuluma ngezinkozi *zangempela*, *ukuKhetha* kukaJehova.

¹⁵ Futhi uma lungandiza luye phezulu ngokwedlulele, bekuyosiza ngani kulo ukundizela phezulu lapho, uma lalingaboni ukuthi lalukuphi ngenkathi luphezulu lapho na? Ngakho khona-ke iso lalo lingcono kakhulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona emhlabeni, yiso lokhozi. O, ngiyazi basho ukuthi uklebe uneso *elinjalo*, he, wawungeke ubone nokhozi nhlobo. Awukwazi ngisho ukuqhathanisa nalo nangayiphi indlela, ukhozi luqine kakhulu, futhi lwakhiwe ngamandla kakhulu kakhulu. Lufanele lube nesakhiwo esikhethekile, kungenjalo belungeke likumele phezulu lapho.

¹⁶ Niyazi, uma lukhuphukele lapho langena kulawo mazinga, luzofanele lwenziwe, umzimba walo uzofanele wakhiwe ukuze umele leyomikhakha olukuyo. Uma enye inyoni izame ukululandela futhi ikhuphuke ingene kuleyondawo, ngisho noklebe, ubuyofuthelaniseka, ubungekwazi ukuphefumula.

¹⁷ Futhi ngikusho lokhu ngenhlonipho: Yilapho esithola khona namhlanje nenqwaba yoklebe bezama ukulandela izinkozi, basukuma lapho, futhi bathi, “Awu, angikwazi ukukumela lokhu, lokhu kungenza ngibe nokwethuka, ngikhiphe lapha.” Abakwazi ngisho ukuhlala baqede umhlango owodwa, bavele bafuthelane baze bafe, abakhiwe kahle, abakhelwe lesosimo sendawo.

¹⁸ Omunye washo lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangishumayela, futhi kwakukhona owesifazane, ngenkathi ngisashumayela, wayekhala izinyembezi, futhi wagcwala kakhulu, waze wavele wamemeza kakhulu, “Haleluya!” Futhi ngahlangana nalowomfo, owayenguthisha kaSonto sikole, futhi wayeneqembu lebheyisbholi leBandla leFirst Baptisti edolobheni lakithi, wathi, “Billy, bengiwuthokozela lowomlayezo, waze lowo wesifazane waqala ukukhala.” Futhi wathi, “O, kuvele kwenza uhlevane lwagijima emhlane wami!”

Ngathi, “Uma uke wafika eZulwini, ubuyogodolela ukufa.”

¹⁹ O, he! Lena yinto encane kakhulu, kodwa ufanele ukwazi ukukumela, noNkulunkulu ukwakha ngaleyondlela uma ulukhozi.

²⁰ Niyazi, uma ekhuphukele lapho ukuba abone izimangaliso zenzeka nezibonakaliso nezimanga zikaNkulunkulu zinyakaziswa, futhi ekholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso ziyodlula, ubeyovele nje abuthuke futhi awe. Yileyo indaba ngenqwaba yabantu namhlanje, bazisho ukuthi bayizinkozi, kodwa ngiyazibuza, ngiyazibuza nje.

²¹ Manje, uzofanele akhiwe, isiqu sakhe, konke okwakhe kufanele kwenziwe ukunakekela izindawo azoba kuzo. Futhi lapho uNkulunkulu ezala umntwana emndenini waKhe, lowomuntu unokwakheka, into ethize engamela okungaPhezu

kwemvelo, ongehlukanisa phakathi kokwangempela nokungesikho okwangempela, lowo owaziyo ukuthi kuyini uKudla kwezinkozi kwangempela.

²² UKudla kwezinkozi kuvela emlonyeni woMondli, hhayi isayense ethize yezenkolo eyenziwe ngumuntu, kodwa emlonyeni woMondli, okunguJehova-Khozi, Owondla ngeZwi laKhe uQobo. Futhi ukhozi alusoze lwaletshela izingane zalo noma yini ezozilimaza. O, ngiyakuthanda nje lokho! UNkulunkulu akasoze enza isithembiso ukuthi Angeke ame ngemuva kwaso. Futhi lonke ukhozi luyathanda nje ukubamba leloZwi, luyakuthanda, ngoba Kuvela emlonyeni kaJehova-Khozi, luyathanda ukuKwemukela.

²³ O, ngibabonile abancinyane belindele umama ukuba akhuphuke, futhi bonke bayosukuma futhi bavule umlomo wabo omncane, noma ngabe yini umama ayebalethele yona, lokho kulungile. Futhi yileyondlela ikholwa leqiniso eliyiyo, akunandaba ukuthi uDokotela Jones utheni, noma ukuthi noma ubani omunye utheni, uma uJehova akufaka eZwini laKhe, bayakukholwa futhi bakwemukele.

²⁴ Usosayense angathi, “Izinsuku zezimangaliselo selwedlule, futhi ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uMoya oNgcwele wehlela kuphela ekhulwini namashumi amabili,” o, kodwa ngenkathi uJehova ethi, “Ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu, eyakubabiza,” uma bebiziwe, bayodla. Ngakho luzofanele lube yinyoni ekhethekile ukuthatha lokhu uKudla.

²⁵ Futhi luzofanele lwakhiwe ukuze luye kuleyomikhathi, leyo ngenye into ngalo, bese kuthi-ke ukuze lukhuphukele lapho luzofanele lube namaphiko aqinile, inyani ejwayelekile, izimpaphe zayo ziyondiza ziphume kuyo, ngoba ayikwazi ukuma lapho ifika phezulu lapho, kodwa ukhozi oludala lungandiza, lapho enye inyani ingakwazi ukusuka amayadi ayikhulu emhlabathini ngale kokuzibhakuzela yona ize ife. Niyazi ukuthi kunjalo. Yebo, mnumzane. Ziyovele zishaye umoya, futhi zithi ngqu, ukhreyini omdala noma okuthize, zibhamba phansi naphezulu, futhi zizama ukugibela amagagasi futhi zidiyazela, lapho ukhozi luvele luhlele amaphiko alo bese lugibela emoyeni. Izimpaphe zalo ziqinile, azinyakazi, azinikezi, luvele luqondise umzimba walo, bese luntweza luhambe.

²⁶ Yileyondlela lonke ikholwa, aligijimi lisuka ensikeni liye esigxotsheni futhi lisuka endaweni liya endaweni, iMethodisti kuleliviki, neBaptisti ngeviki elizayo, *nelinye* kuleliviki, *nelinye* ngeviki elizayo, lihlela nje ukukholwa kwalo eZwini likaNkulunkulu eliPhakade, futhi lintweze lihambe, ligibele amagagasi omoya.

²⁷ Esikhathini esithile esedlule, enhla eColorado ngangizingela, kwakuse-eli ekwindla, neqhwa lalingakajuli

ngokwenele ukugijimisa umhlambi wezinyamazane ama-elki wehle. Futhi umfuyi wezinkomo, wayehambe waya kwesinye isigaba ngale empambukweni yasentshonalanga yoMfula iTroublesome, ngangisempambukweni yasempumalanga, sasihlangana cishe ezinsukwini ezinhlanu.

²⁸ Futhi nganginamahhashi omthwalo, ngakho ngangithola . . . ngihamba, ngizingele inyamazane i-elki, hhayi kakhulu kangako njengokuzingela izinyamazane, kodwa nje ukuba wedwa noNkulunkulu. Futhi kwenyuka isiphepho, futhi savunguza savunguza, ngase ngingena emva kwezihlahla, ngangicishe impela ngiyongena emithini yokwenza amapulangwe, khonake kuyofika invula, futhi line lonke iqhwa kakhulu, bese kuthi-ke kuyophuma ukukhanya kwelanga, kunesiphepho nje ngalesosikhathi sonyaka, futhi yilokho okuxosha izilwane ezinkulu zehlele esigodini lapho kulula ukuzizingela khona.

²⁹ Kwase kuthi-ke, lesisiphepho sakhuphuka, futhi ngama emva kwesihlahla kwaze kwaphela isiphepho, kwase kuthi-ke, ngenkathi isiphepho sesiphelile, ngiyaphuma ngase ngiqala ukubuka, nengxenye yasentshonalanga yesifunda, imifantu emikhulu ezintabeni, ilanga lase lishona, nokubonakaliswa kwesihlahla esihlala siluhlaza esiyiqeqeba lamakhaza kwenza u—uthingo lwenkosazana ngaphesheya kwesigodi. O, he! IBhayibheli lathi, “Lapho utwa lubizana notwa.” Wawungambona uNkulunkulu lapho othingweni lwenkosazana, leso yisithembiso. Yiba wedwa nje ngesinye isikhathi noNkulunkulu bese ubona nje ukuthi Usondele kangakanani kuwe. Usemikhathini, Use—Usezihlahleni zaKhe, Usezimbilini zaKhe, Usemoyeni, Usothingweni lwenkosazana, Ukubantu baKhe, Ukuyo yonke indawo.

³⁰ Qaphelani, futhi lapho ngibuka lokho, ngase-ke ngizwa impisi endala empunga ihhewula emuva phezulu egqumeni, nomata wayiphendula ezansi esigodini. Umama wami uyiNdiya ingxenye, futhi ngiyanitshela, utwa luqala ukubizana notwa, ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi. Ngase-ke ngizwa umhlambi wezinyamazane ama-elki ukhala komunye nomunye, isiphepho sasiyehlukanisile.

³¹ Futhi nganginesikhathi esimnandi nje, ngancikisa isibhamu sami esikhulu esihlahleni, ngagijima ngizungeza, ngizungeza, futhi ngizungeza isihlahla ngamandla ami onke ukuveza umuzwa owawuphakathi kwami. Ngangingedwa noNkulunkulu, kwakungekho-muntu emamayeleni angamashumi amathathu nanhlanu noma angamashumi amane ami, phezulu le entabeni, nje nginesikhathi esimangalisayo. Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, nakho lapho Ukhona emhlambini wezinyamazane ama-elki, nakho lapho Ukhona ekubizeni kwempisi, nakho lapho Ukhona phezulu ngale, uthingo lwenkosazana, Ukhona yonke indawo. O Jehova oMkhulu!” Ngazungeza, futhi ngazungeza, ngazungeza isihlahla

ngahamba futhi. Ukuba omunye ubeyongena emahlathini, bebeyocabanga ukuthi babenohlanya phandle lapho, kodwa ngangingenandaba, ngangikhonza uNkulunkulu, kwenza noma yimuphi umehluko kimi.

³² Kwase kuthi-ke, khona manjalo ngakhangwa ingwejeje encane yeshoba. Angazi ukuthi ini. . . nonke ninazo enhla noma qhabo, ingencane, into eqophisanayo, ethi ayibe yinde *kangako*, nje yenza inqwaba yomsindo, iphoyisa lebhantshi eliluhlaza s'bhakabhaka lasemahlathini. Futhi yakhuphukela esiqwini esidadlana, nakho konke ukuqhubeka engake ngakuzwa! "*Tshweke, tshweke! Tshweke, tshweke!*"

³³ Ngacabanga, "Awu, ngingahle ukuba ngimesabisile umfo omncane," mina ngiqhubeka ngendlela engangiyiyo. Futhi ngacabanga, "Mhlawumbe ngimxhuxhumisile." Ngakho ngayibuka, ngase ngithi, "Uxhuxhunysiswa yini kangaka, mfo omncane na?" Futhi ngaqaphela ukuthi yayingangibuki, yayimfiyizisa iso layo elincane bese ibuka phansi *kanjalo*.

³⁴ Futhi ngaqaphela, kuphuma ngaphansi kokupheshulwe umoya okudala, lapho isiphepho sangaphambilini sasiphephule ezinye izihlahla zaba ndawonye, olukhulu, ukhozi olunsundu lwaluphoqecelewe ezansi phakathi lapho yisiphepho, futhi lwaluphuma. Futhi ngacabanga, "O, yilokho ekwesabayo."

³⁵ Nalolukhozi olukhulu lwagxumela lapho, nawalo amakhulukazi, amehlo abukeka empunga eqalaza, futhi ngacabanga, "Nkulunkulu, kungani Ungenze ngayeka ukumemeza nje ukuba ngibuke lolokhozi. Ubungaba sokhozini na?" Impela. Futhi ngalubhekisisa lolokhozi lapho luhlala kuleligatsha elikhulu, futhi ngacabanga, "Awu, lungumthuthambi nje, ngempela akukho okuhle kulowomfo." Futhi ngamangala, "Yini eyenza Wena. . . ? Ungimiseleni ukuba ngimemeze na? Yisiphi isifundo Ozongifundisa sona manje, Jehova, ngokhozi na?"

³⁶ Awu, kunento eyodwa engayiqaphela, ukuthi lwalungesabi, lwalungethukile. Ngase ngithi kulo, ngathi, "Mfo omdala, uyazi ukuthi bengingathatha isibhamu sami futhi ngikudubule na?" Lokho akuzange kulukhathaze nakancane. Awu, ngacabanga, "Kungani kungakukhathazi na? Kungani ungethuki nakancane na?" Isibhamu sami esikhulu sasihlezi sincike esihlahleni, lwalwazi ukuthi lwalungaba kuleyomithi yokwenza amapulangwe ngaphambi kokuba ngithole lesosibhamu esikhulu esandleni sami, lwalwazi ukuthi lwalumi kuphi.

³⁷ O, ngiyakuthanda lokho! Yazi lapho omi khona, "yazi ukuthi Ubani omkholiwe, futhi ukholiseke ukuthi Unamandla okugcina lokho okunikele kuYe osukwini."

³⁸ Lwalazi khona lapho olwalukhona. Futhi ngacabanga, "Awu, wazi kanjani ukuthi ubungakwenza na? Yini ekwenza uqiniseke kangaka na?" Futhi ngaluqaphela, njalo

ngemizuzwana embalwa lwaluzwa lawomaphiko ukubona ukuthi yonke into yayisegiyeni elihle yini. Niyazi, yilokho-ke: Uma uNkulunkulu enikeza ukhozi amaphiko amabili ukuba luphunyuke engozini, futhi lufanele luzwe ngaso sonke isikhathi ukubona ukuthi yonke into isegiyeni, kuthiwani ngeBandla likaNkulunkulu oPhilayo elinoMoya oNgcwele ukuba ukuthwale uphume engozini na?

³⁹ Uma udokotela ethi, “Uzobulawa yiTB,” bona nje ukuthi yonke into isegiyeni. Ubone nje ukuthi usesenhlanganyelweni yini, hlola kancanyana.

⁴⁰ O, lwazizwa izimpaphe zalo zikahle nje, naleyongwejeje endadlana yeshoba yayiluthuka nje ngakho konke okwakukuyo. Futhi aluzange lukuqaphele lokho...mina kabi kakhulu, lwalubuka leyonwejeje yeshoba, lwalukhathala ukuzwa lokho, lowo, “*Tshweke, tshweke! Tshweke, tshweke!*” ngamandla ayo onke.

⁴¹ Futhi ngangilwazisa ngesibindi salo. Khona manjalo lwenela yikho, futhi lwavele nje lwagxuma kakhulu kanjalo, futhi lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, lwase luvele lungaphandle kwemithi yokwenza amapulangwe. Kwase kuthi-ke, ngase ngima lapho futhi ngakhala izinyembezi lapho ngilubhekisisa. Alubange lusabhakuza kanye futhi, lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo, futhi ngaso sonke isikhathi lapho lowomoya ufika, lwaluphakama, futhi umoya uyokhuphuka ngomgede, lwaluphakama phezulu ngokwedlulele, lwalwazi nje ukuthi aqondiswa kanjani lawomaphiko.

⁴² Futhi ngalubhekisisa lwaze lwaba yichashaza elincane nje, ngakhala izinyembezi njengengane, ngathi, “Yilokho-ke!” O, yazi nje ukuthi ukuhlela kanjani ukukholwa kwakho emandleni kaNkulunkulu, futhi lapho uMoya oNgcwele ungena njengomoya ovunguzayo, gibela usuke kulona omkhulukazi *utshweke, tshweke* lapha, *notshweke*, uthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Vele uhlele amaphiko akho, futhi ungakunaki, futhi ugibele uhambe kuWo. Amen. O, uJehova-Khozi, endiza phezulu!

⁴³ Enye into ukhozi oluyenzayo, uma siqaphela, ukuthi beluyofana kanjani ne, elaKhe, ifa likaNkulunkulu, luhlumelelisa ubusha balo; niyazi, iBhayibheli lithi luhlumelelisa ubusha balo. Luyiyona nyoni kuphela ekhona engacishe ukuba isihambile, futhi ibuyela okhozini oluseluncane futhi, hhayi iminyaka, kodwa nje emnyakazweni. Awu, kungani uJehova ebengasifanisa nezinkozi khona-ke na? Lapho nonke niphansi, njengoba bekungashiwo, ezindaweni zokulahla udoti, bese-ke nakho kufika imvuselelo enhle nobusha bakho bonke buhlunyelelisiwe futhi.

44 O, ngibone abantu abadala benezinwele ezimpunga nobuhwanqa bonke ubuso babo, bamemeze nje futhi badumise iNkosi njengomfanyana oneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala. Impela. Ngibabonile abantu behlezi beboshwe ezihlalweni ezinamasondo bagxumagxume ngezinyawo zabo, futhi bamemeze kakhulu, futhi bamemeze sengathi... Ngani bayahlunyeleliswa, uJehova uyasihlumelelisa, Uhlumelelisa amandla ethu okuqina, Uhlumelelisa impilo yethu, Ushlumelelisa yonke indawo, yingalesosizathu Asifanisa nezinkozi.

45 Enye into ngokhozi, ukhozi ngeke lwakha isidleke salo emhlabathini, ukhozi lwakha isidleke salo phezulu nje njengoba lungasakha. Lususisa endleleni zonke izilwane ezidla ezinye izilwane, yonke into eyolukhathaza, lwakha isidleke salo phezulu, ngakho akukho okuzolukhathaza.

46 Esikhathini esithile esedlule, ngangiseCincinnati, e-Ohio, endaweni yokugcina izilwane enkulu lapho, futhi nganginentombazanyana yami, uSarah, noRebekah omncane. Futhi nganginoSarah omncane, ongomncane, ngimhambisa, futhi babesanda kubamba ukhozi olukhulu base belufaka esibiyelweni esikhulu, awu, ngenyuka, ngezwa konke ukushaya nokuqhubeka, futhi ngehla ukuyokhombisa uSarah, ngacabanga ukuthi kwakuyizinyoni ezimbili zilwa, kodwa ngenkathi ngifika ezansi lapho, kwakuwukhozi olulodwa nje olukhulu.

47 Lwalungenazimpaphe, cishe impela, phambi kwalo, ubuso balo bonke babushayekile, amaphiko alo onke ayeshaywe aphuma. Futhi ngabuka umfo omkhulu, ukuthi wayengahlaliseki kanjani namaphiko akhe evulekile nawo ebuhlungu. Futhi lwahamba lwanqamula ohlangothini olulodwa lwekheji, futhi laligijima kakhulu, futhi lwalundizela kulesosibiyelo ngakho konke okwakungaphakathi kwalo, kuphela ukungqubuza ngekhandla lalo kuso, ukuba luwele emuva kwiphansi futhi. Lwalulala lapho futhi lunikine ikhanda lalo elincane, lusukume, lubuyele emuva futhi, futhi lwalubuka phandle, bese kuthi-ke lwalugijima ngamandla alo onke nje, bese lushaya amaphiko alo ukuba luphakame, futhi lushaye emigoqweni yensimbi, luphinde luqethuke futhi.

48 Futhi ngenyukela eduze, ngacabanga, "Ukuba benginesaha lensimbi, bengiyosika ngilukhiphe lapho."

49 Futhi lapho lulele lapho, namehlo alo amakhulu ebuka ngasezulwini, izibhakabhaka eziluhlaza ngaphezu kwalo... Luyinyoni yasezulwini, luhlala emazulwini, lwazalelwa ukuphila emazulwini, leyo yimvelo yalo ingukuphila phezulu, futhi nantu nesibiyelo phezulu kwalo, futhi alusakwazi ukusukuma, nhlobo.

50 Ngacabanga ukuthi lokho kwakungokunye kokubukeka okudabukisa kunakho konke mina, cishe, engake ngakubona.

Ngihamba ngisuka lapho, uMoya oNgcwele ubonakala uthi kimi ngaleyontambama, ngihlezi epaki lapho engangingakwazi ukukususa khona engqondweni yami... Ngangifuna ukuthenga inyoni. Awu, babengeke bangivumele ngibe nayo. Ngaludabukela kakhulu, kodwa-ke iNkosi yakhuluma kimi ngalendlela, “Nakhu ukubona okubi kakhulu kunalokho: Nampo abesilisa nabesifazane behamba ezitaladini, owazalelwa ukuba abe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, bephila ngaphansi kwelungelo labo, beshaya ubuchopho babo buphume kuma nayithiklabhu, nakho konke okunye, lapho befanele bandizele phezulu ezibhakabhakeni zenjabulo enkulu namandla kaNkulunkulu.”

⁵¹ Ukuthi basuka kanjani ebandleni baye ebandleni, futhi basuke endaweni baye endaweni, bezama ukujoyina *lokhu*, futhi basho *lesisivumokholo*, futhi uphinde *lomkhuleko*, futhi ubhaphathizwe ngalendlela, ushaya nje ubuchopho bakho buphume! Futhi bazalelwa ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

⁵² Ukubona okudabukisa kanje pho ukubona umuntu, enziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu ukuba abe yinceku kaNkulunkulu, ukuba aphile njengendodana kaNkulunkulu, ehamba ehla ngesitaladi ediyazela ngaphansi kokuthonya kukagologo, ukubona insizwa isebukhazikhazini bayo nokubukeka kwayo okunomusa, ukuyibona ezansi esitaladini nosikilidi esandleni sayo, nengalo yayo igaxe intombazane egqoke uhhafu ndawo ndawo, indoda ezalelwe ukuba yindodana kaNkulunkulu futhi iphila ngaphansi kwamalungelo aKhe, umphefumulo wayo uboshelwe esibiyelweni sokuhlushwa ngudeveli!

⁵³ Owesifazane osemusha, egqoke uhhafu, emuhle njengoba enjalo, o, ezilungise kahle, nopende owenele kuye ukupenda inqolobane, phandle ndawondawo elele ngasendaweni yokuphuzela engasemgwaqweni, lapho azalwa ukuba abe yindodakazi kaNkulunkulu oPhezu Konke, futhi uphila ngaphansi kwelungelo lakhe!

⁵⁴ Kukhona into ethize kuwe ebizayo, kukhona into ethize kuwe elangazelela uNkulunkulu, futhi uzama ukwenelisa lokho koma okukuwe, njengoba uDavide asho, “Njengendluzele yomela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu.” Futhi uzama ukwenelisa lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele uNkulunkulu akubeke kuwe ukomela Yena, futhi uzama ukukwenelisa ngezinto zalelizwe! Udeveli uzama ukukwenza ucime lokho koma ngokumkhonza, lapho uwukhozi, wazalelwa ukuba ube wukhozi, futhi awunalungelo lokuzama ukuqeda lokho koma ngezinto zezwe. UNkulunkulu wakunika lokho koma okungcwele ukuba womele Yena. “Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.”

⁵⁵ Manje, ake siqaphele ukhozi: Isizathu lungasakhi isidleke salo emhlabathini yingenxa yokuthi luyinyoni yasezulwini, futhi lunakekela amaphuphu alo. Aliwafuni abe sengozini, ngakho lwakha isidleke salo phezulu nje ngangokunokwenzeka.

⁵⁶ Ngehlobo eledlule, ngangiya eTacoma okomhlangano, ngedlula eYellowstone, ngibuka, phezulu le esiqongweni somgede, ngabona into ethize phezulu lapho, futhi kwakukwesincane ngqo, isiqongo esifishane, futhi ukhozi lwalakhe isidleke salo.

⁵⁷ Futhi ngabiza umkami, nabantwana bami, futhi ngabanika izipopolo, ngangehlele emahlathini ingxenye, ngilandela ibhere elidadlana, ngase ngithi, “Buka phezulu lapha manje kulokhu, nanto ukhozi nesidleke salo.” Yini ebingafinyelela kulo na? Lutho. Akukho-nyoka eyayingagaga yenyuke kulelodwala. Akukho-koyote eyayingake ibhubhise lesosidleke.

⁵⁸ Yileyondlela uNkulunkulu akha ngayo iBandla laKhe ngamachwane aKhe okhozi, aphakeme ngaphezu kwezimpokophelo zalelizwe. Unempokophelo ephakeme, hhayi ukuthokozisa abantu, kodwa ukuthokozisa uNkulunkulu, wakhelwe phezulu futhi waphepha.

⁵⁹ O, ukuthi lowomama khozi usibhekisisa kanjani lesosidleke! “O, iso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa,” Uyakubhekisisa. Ubhekisisa lesosidleke.

⁶⁰ Manje, lapho luyokwakha lesisidleke, luthola izinduku, nakho konke, futhi luzifaka phakathi, bese lizeluka ngemivini enameva, futhi konke kugcwele onamathela. Manje, alufuni abancinyane balo babe kulabonamathela, ngakho-ke lwenza isidleke nje ngokuthokomala ngakho konke elingakwenza ukwenzela amazinyane alo. Ulenza kanjalo-ke uNkulunkulu iBandla laKhe, Uzama ukulenza lithokomale ngakho konke Angakwenza. Manje, luyaphuma, futhi luthola isikhumba semvu, futhi luthola isikhumba sikanogwaja eziwudlayo, futhi lilondoloza lezozikhumba, futhi luthatha lokho, lukhuphukele esidlekeni (O, ngizibhekisisa kanjani zikwenza!), futhi zithathe umlomo wazo, futhi ziphushe lokho kungene, lesosikhumba sikanogwaja, nesikhumba semvu, zisiphushele esidlekeni, futhi lusenze nje sithokomale njengoba singaba njalo ngabancinyane balo.

⁶¹ Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo ngeBandla laKhe. O, lapho Azi ukuthi uzozalwa ngokusha, lapho Azi ukuthi uthatha isinqumo, uhlezi esihlalweni sakho, Uhamba ayolungisa isidleke ngaso lesosikhathi, ngoba Unophendukile ozayo, Unechwane lokhozi elilungela ukuzalwa. Usenza nje sibe ngesithokomele, futhi lapho uMoya oNgewele omnandi wehla uthululeka phezu komphefumulo wakho, izinyembezi ziqala ukwehla ngenjabulo, futhi uphakamisa izandla zakho, futhi uthi, “O, kukhona

okwenzekile.” Kuthokomele nje ngakho konke, yile yondlela uNkulunkulu enza ngayo lokho, Ukwenza ngaleyondlela.

⁶² O, emvuselelweni lapho uzwa umlayezo uphuma, futhi ukhathele udiniwe kakhulu yizwe, emva kwesikhashana, manjenge lapho uqala ukuthi, “O yebo, ngiyakubona.” Niyabo, ukuzalwa sekuqale ukungena, uJehova ulungiselela isidleke sechwane laKhe lokhozi, ngakho sizoba sihle futhi sithambe, futhi ungahamba hamba kulezozikhumba zezimvu, nakho konke. Kuyamangalisa!

⁶³ Futhi kunento eyodwa enhle ngento esingayijabulela kakhulu ukuthokomala kwesidleke, lesisidleke sokhozi, senziwa ngesikhumba seWundlu, iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. UNkulunkulu ugqokisa u-Adamu waKhe wesibili, hhayi ngezikhumba zezimvu zase-Edene, kodwa isikhumba semvu saseKalvari, sigezwe ngeGazi, futhi senziwa sathokomala ngoBukhona baKhe, isikhumba semvu esinyathela phezu kwaso. Kunokuthula kanjani, kuthule kunjani, kungokumnandi kanjani, ukuthi sifanele sikuthokozele ngokuzithoba kanjani lokhu ukuhamba okumangalisayo okuthambile esihamba kukho!

⁶⁴ Babengahlekisa kanjani abanye abantu ngakho na? Kodwa niyazi, kuthiwa iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili, lapho iziNgelosi zesaba ukunyathela khona. Kunjalo. Leso yisisho esidala, kodwa yiqiniso. “Isiwula sizohamba ngezicathulo ezinezipikili, lapho iNgelosi iyokwesaba ukunyathela khona.” Abantu bazohlekisa ngamaKristu phansi kwesibonakaliso sikaMoya oNgcwele, bayobiza imisebenzi kaNkulunkulu, ngoBelzabule, lapho iziNgelosi zingeke zilokothe zisho neyodwa into ngakho. Impela. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁶⁵ Siyabonga eNkosini yethu uNkulunkulu ngobubele baYo kubantwana baYo (Asinjalo na?), ukuthi Usebenzana kanjani nathi ngezindlela ezingaqondakali, ukwenza izimanga zaKhe. Kucabangeni. Ukwenza kubelula kanjani ngathi ukuba sihambе kuyo, ukuthi Uyenza ikhanye kanjani indlela yezinyawo phambi kwethu. Sivinjezelwe nguBukhona baKhe obubusisiweyo.

⁶⁶ Khumbulani, lapho ukhozi oluncane luzalwa, umama uphezu kwalo namaphiko akhe evulekile, uselungele ukuluvikela. Lapho luseluncane, ukuthi luhlala kanjani khona lapho naleloso lulubhekisisa esidlekeni, noma ngabe luyaphi. O, kusobala ukuba beluyophuma esidlekeni, belungahle lwephule intamo yalo encane, kodwa uyaluqaphela.

⁶⁷ Anijabuli yini ukuthi uJehova-Khozi uqapha abancinyane baKhe na? Ngani, besiyokwephula intamo yethu ngamandla kaNkulunkulu, ukuba bekungesikho ukuthi uJehova wasibhekisisa futhi wabeka imikhawulo yethu. Wabeka imingcele, yilokho Akusho, “Ngizobeka umngcele, akekho

umuntu ongawudlula.” Ngakho uNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu, omkhulu, onamandla UNGINGUYE, ubeka imingcele yaKhe nothando lwaKhe, futhi welula amaphiko aKhe phezu kwezinkozi zaKhe ezincane, futhi lapho Ekwenza, khona-ke akukho-muntu noma lutho olungabalimaza. Anijabuli ngalokho na? Ngani, kwenele ukokhela yonke imiphefumulo ngamandla kaNkulunkulu oPhilayo ukunikeza izindumiso ezinkulu kuJehova.

⁶⁸ Ngicabanga ukuthi wonke umuntu emhlabeni, ubefanele adumise uJehova ngokulunga kwaKhe. Kanjani ukuthi ngenkathi nisengamachwane okhozi amancanyana esidlekeni ningakwazi ukuzinakekela, ningakwazi ukuqapha, nokho ninoMuntu oniqaphile. Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele! Ukuthi uJehova ubabhekisisa kanjani abancinyane baKhe! Iso laKhe alisuki kubo neze, imini nobusuku luphezu kwabo ukubaqaphela nokubavikela kokungalungile, nangenxa... ekulimaleni nasengozini. O, sibusiseke kanjani ukuthi besifanele sicabange ngalokho!

⁶⁹ Manje qaphelani ukuthi kwenzekani: Manje, Uthi abaprofethi baKhe bayini na? Izinkozi. Manje, lwenzani u—ukhozi na? Luya phezulu kakhulu. Manje, uma lukhuphukela phezulu le, lungabona kude kakhulu. Futhi abaprofethi bakaNkulunkulu benyuka, emuva ngaleya kwengamashumi amabili-nanhlanu neminyaka eyizinkulungwane ezintathu eyedlula, futhi babengabona isimo sanamhlanje.

⁷⁰ Bukani ukuthi uPawulu wenzani, lolokhozi olukhulu lwesibhakabhaka, ngenkathi kuThimothewu 2 wathi usuku luyofika, lapho ibandla liyoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo, kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika, labo-ke wobagwema. Ukhozi lukaNkulunkulu lwenyuka ukusexwayisa ngakho.

⁷¹ Ukuthi kanjani ukuthi uHezekeli, emuva le, futhi yonke indlela emuva kubaprofethi, wabona izinqola zingqubuzana ezindleleni ezibanzi, uNahume, eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, wabona i—izinqola ezingenamahhashi lapha ezindleleni ezibanzi.

⁷² Ukuthi bonke abaprofethi bakhuphukela phezulu kanjani futhi babona kude izinto ezaziza, futhi babengawaxwayisa ngaphambili kanjani amachwane aKhe okhozi amancane ngenkathazo.

⁷³ Ukuthi ukhozi oludala luyobeka kanjani abancinyane balo phansi otshanini, bese lukhuphukela esibhakabhakeni, bese luhlala edwaleni eliphakeme kunawo onke, futhi lubhekisise nxazonke ukubona ukuthi kukhona yini okuzokwenzeka.

Ukuthi ukanjani uMoya oNgcwele, lapho ukhozi oluseluncane, umKristu osemusha ezalwa, ukuthi Uhlala kanjani emaZulwini futhi abhekisise, akukho okungabalimaza, Uyabhekisisa. Akukho okungakhathaza amachwane okhozi, ngoba umama Khozi omdala uyakuqaphela.

⁷⁴ Manje, nakho ekugcineni kufika isikhathi lapho lolukhozi luqala ukukhula. Futhi lapho lolukhozi luqala ukukhula, khonake umama wokhozi, ubone zonke izinhlobo zezinyoni. Futhi manje, lehluke kangakanani lolukhozi enkukhwini eboshelwe emhlabeni!

⁷⁵ Manje, inkukhu yinyoni, nayo. Inkukhu iyinyoni, ngokufanayo nje njengoba ukhozi lunjalo. Kodwa umehluko onje pho! Nenkukhu ayazi lutho ngokwasezulwini, ayikaze ibe phezulu lapho. Nalowomama khozi unqumile ukuthi izinyane lakhe elincane ngeke lifane nenkukhu eboshelwe emhlabeni, uzokuqinisekisa.

⁷⁶ O, ngiyakuthanda lokho! Nakuba ingumfowabo wehlelo, kodwa nokho ibingakabi phezulu lapho, ayazi ukuthi lukhuluma ngani, ayikwazi ukumela okwasezulwini, ngoba ayikaze ibe lapho, ayazi lutho ngakho. O, he! Impela, ayikaze ibe phezulu lapho.

⁷⁷ Bathi, “Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Ingakusho kanjani esidlekeni senkukhu na? Ayisilo ukhozi kwasekuqaleni nje. Ngenkathi ithi, “Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu,” ngani, ayazi lutho ngakho, ayikaze indizele phezulu lapho ukhozi lundizele khona, ayikaze ifake uNkulunkulu ekuvivinyweni, ayikaze iphulukiswe ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, ngakho-ke ayazi lutho ngalokho ekhuluma ngakho, iyakukuza nje, ayikwazi ukukhala kokhozi. O, umehluko onje pho okuyiwo!

⁷⁸ Manje, lomama khozi omdala uzimisele ukuthi umntwana wakhe angeke abe kanjalo; futhi ngiyabula kakhulu ukuthi unjalo. Yebo, mnumzane. Ngiyabula ukuthi asidingi ukuba sifukamele phansi kokuthile okunjalo. “Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, ngisho nabaningi iNkosi, uNkulunkulu wethu, eyakubabiza.” UNkulunkulu unqumile kuyo yonke iminyaka Uyokhipha izinkozi zaKhe. Ngokoqobo!

⁷⁹ Ngakho nakho kufika isikhathi ukuthi lolukhozi oluncane lusanda kusenza sathamba kabi luhamba hamba ezikhumbeni zezimvu. O, lunoMoya oNgcwele nje, futhi seluthi alulothise idolobha nje. Kodwa niyazi ukuthini? Angeke luthole... angeke luhlale kulesosidleke ngaso sonke isikhathi. Yileyo indaba ngebandla lePentecostal, lihlala isikhathi eside kakhulu esidlekeni.

⁸⁰ Ngakho niyazi ukuthi kwenzekani na? Umama omdala ungena kulesosidleke, futhi uthatha lowomlomo ofanayo

awupenda ngakho konke bese edonsa konke okuncinyane kwalesosikhumba semvu kuphume, konke nokuncu kwaloboboya bukanogwaja kuphume, bese ephosa into iphume esidlekeni. Wenza isidleke sibe lusizi kakhulu, luze lona, azikwazi ngisho nokuhlala phansi.

⁸¹ Niyazi, uNkulunkulu uyazi ukuthi ukwenza kanjani uvume ukwenza izinto. Lokho kwenzekile kweminingi yemindeni yenu. Impela kunjalo. Uvele nje adonse lonke isigqebhe esithambile, ukuze uhambe emeveni. Njalo uma ehlala phansi kuphezu kweva, uyagxuma uya phezulu, uyadumazeka emva kwesikhashana. Futhi ngicabanga ukuthi uma sake sabakhona isikhathi lapho ibandla lePentecostal belifanele lidumazeke, simanje, sizihlelile thina uqobo, sakha imigoqo emikhulu yemigqa, omunye yi-Assemblies, omunye yi-Oneness, omunye yi-*yilokhu*, *nalokho*, *nokunye*. Bese kuthi-ke sakha imigqa enjalo nje, nezithiyo kuze kube khona induku induku, *lapha*, nenduku induku, *lapho*. Yini indaba na? UNkulunkulu ulungiselela ukusikhipha kukho. Kuyilokho impela. Lezozinkozi ezindadlana ziyakhathala zihlezi kulawo meva.

⁸² Imvuselelo enkulu iqhubeka, “Ungakwenzi, asibambisani.” O, zama futhi umise ukhozi ngesinye isikhathi!

⁸³ Umama khozi uyazi ukuthi enzeni, ngakho ulahla konke okutakelene, ngakho kuzokwenza kube mahhadlahhadla futhi uyavuma ukuhamba. Niyazi, lokho kusebenza ngezindlela eziningi, ukuba besinesikhathi sokukhuluma ngakho, ngezinye izikhathi uNkulunkulu uzofanele asuse okunye...omunye wothandweyo wakho, ngezinye izikhathi Uzofanele abangele ukugula ukuba kukushaye. Odokotela bathi, “Awu, akusekho nje okunye okungenziwa.” Ngezinye izikhathi uNkulunkulu wavele nje wakhapha zonke izigqebhe esidlekeni. Niyakukholwa na? Impela, Uyakwenza.

⁸⁴ O, wena uthi, “Bengiqinile futhi ngiphilile yonke impilo yami,” kodwa isigqebhe saphuma esidlekeni ngolunye usuku. Awukwazi ukuhamba kulesosikhumba semvu ngaso sonke isikhathi, awukaze usishiye isidleke. Ungeke nje wama uzungeze ibandla, futhi umemeze futhi udumise uNkulunkulu, futhi ugxume phansi naphezulu, ugijime ngapha nangapha, kunomsebenzi okufanele wenziwe.

⁸⁵ Ngakho niyazi ukuthi lowomama khozi omdala wenzani na? Wehlela lapho futhi uyababuka labobafo abancane bandla begxumagxuma, ngakho ufuna ukubakhombisa ukuthi mkhulu kangakanani, yile yondlela kuphela angathola ngayo ukunaka kwabo. Mhlawumbe uNkulunkulu wadingeka akuvumele uthathe iTB ngaphambi kokuba Athole ukunaka kwakho.

⁸⁶ O, wena uthi, “Ngingowebandla elikhulu kunawo onke kulelidolobha. Ngi-ngibe ngothembekile—ngibe ngothembekile okhokha izishumi.” Lokho kuhle. “Angikaze ngenze kunoma

ubani okungalungile. Kungani iNkosi ifanele ingivumele ngigule na?” Mhlawumbe Ishukumisa isidleke sakho kancanyana, Ifuna ukukukhombisa ukuthi Inkulu kangakanani.

⁸⁷ Niyazi, ngempela, ukhozi oluncane alukaze lumbone umama, lweneliseke kakhulu esidlekeni, alwazi ukuthi mkhulu kangakanani. Ngakho niyazi ukuthi ukhozi lwenzani na? Umama khozi uyinyoni enkulu kakhulu kunobaba khozi. Ukhozi oluwusayizi okahle olunempandla lungaluleka amafidi ayishumi nane ukusuka ephikweni kuya ephikweni. Kunjalo. Futhi niyazi, lolukhozi oluncane belusezansi esidlekeni salo ngaso sonke isikhathi, futhi lweneliseke kakhulu ngokumemeza nje, nokugxuma, nokugijima ngapha nangapha, kwaze kwathi, niyazi, alukaze lwazi ukuthi umama wayemkhulu kangakanani owamfaka kulesosidleke.

⁸⁸ Ngakho uNkulunkulu uzofanele avumele ukugula kushaye ibandla laKhe kanye ngankathi, Uzofanele avumele ukucindezeleka okuncane kukaMoya kufike, akhiphe okuncane kwenjabulo ebandleni, ukwelula nje amaphiko aKhe futhi anikhombise ukuthi UnguBani. Ngakho uqala ukuthola, o, he, unamathela *lapha*, nonamathela *lapho*, futhi yonke indawo ahlala kuyo unamathela. Ngani, uselungele ukuphuma kulesosidleke.

⁸⁹ Ngakho umama omkhulu wenyukela lapho futhi welula lawomaphiko amakhulukazi. O, ngazibhekisisa, ukuthi wayebukeka emkhulu kangakanani, kude ngale kwemingcele yesidleke, isidleke salo—salo cishe singamafidi ayisishiyagalombili noma ayishumi ukuzungeza, namaphiko alo angamafidi ayishumi nane. Ukuthi uma kanjani kulesosidleke, futhi umemeza kakhulu kulabo abancane! Bese kuthi-ke, lapho abancinyane bebheka phezulu, welula amaphiko akhe amakhulu, anamandla. Uzama ukubathola ukuba babe nokukholwa, uzokwenza okuthize ngabo.

⁹⁰ Futhi mhlawumbe, uNkulunkulu angahle ashukumise isidleke sakho ukuze Elule amaphiko aKhe ukukukhombisa ukuthi Mkhulu kangakanani, Ufuna ukukwenzela okuthize. Ufuna ukukukhombisa, “Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!” Futhi lapho sifanele silale ngomhlane wethu futhi sibheke phezulu ngasesibhakabhakeni, nokuMbona endlala amaphiko konozungelizanga, kusukela esibhakabhakeni kuya esibhakabhakeni, ukubona lezozinkanyezi!

⁹¹ Ngibe nenhlanhla, esikhathini esithize esedlule, ukuma endaweni yokubuka kude eMount Wilson bese ngibuka ngaleyongilazi yesipopolo. Futhi bathi wawungabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya. Ukukhanya kuhamba amamayela ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili ngomzuzwana, namamayela ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili

ngomzuzwana, futhi kuthathe iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yalokho. Ngani, ubungagijimisa uhlu lokuyizishiyagalolunye emhlabeni jikelele futhi ubungeke uhlakazeke ngamamayela. Futhi yini eyayilapho ngaleya kwalokho na? Izinyanga, nezinkanyezi. “Umkhulu kangaka!” Guqa ngamadolo akho bese ubuka phezulu kanye. “Umkhulu kangaka!”

⁹² Niyabona ukuthi Ulungiselela ukwenzani na? Lapho izinkozi zaKhe zingena kulesosimo, Ulungiselela ukuhlakaza isidleke khona-ke. Ngicabanga ukuthi Ulungiselela ukuhlakaza isidleke sePentecostal.

⁹³ Ngakho lapho amachwane okhozi amancane . . . Wenza lokho ukuthola ukunaka kwawo. Ngenkathi emi lapho namaphiko alo, uyamemeza, lelo yizwi lakhe, umi lapho, “Ngibhekeni, nibone ukuthi ngimkhulu kangakanani na?”

⁹⁴ Lapho udokotela ethi akusekho okunye okungenziwa, khona-ke, “Umkhulu kangaka!” Bheka phezulu *ngapha*. Udokotela, wa—wawunaye waze waqeda, lokho kulungile, kodwa manje “Umkhulu kangaka!” Bheka phezulu lapho, Uzama ukukukhipha kulesosidleke. Impela, Unjalo.

⁹⁵ Khona-ke yini elandelayo na? Khona-ke umama omdala, emva kokuba izinkozi ezincane ziqala ukubuka phezulu futhi zithi, “Yebo, Mama, uyinyoni enkulu, angikaze ngazi ukuthi wawumkhulu kangaka. . .” O, impela!

⁹⁶ Futhi enye into ukhozi olunayo, njengoba ngishilo, izimpaphe zalo ziqine kakhulu. Uma lezozimpaphe zingaqinile ngokuphelele, ziqine ukwedlula noma yiyiphi enye izinyoni ekhona, lapho sezikhuphukele le lapho, izimpaphe zamaphiko ziyophuma, futhi phansi kuyofika ukhozi futhi lubhubhe. Ngakho lezozimpaphe ziqinile, zingene ngempela, ngoba labo abancinyane ufanele babambe izinyawo zabo kulo ngenkathi lundiza.

⁹⁷ Bese kuthi-ke lapho ubuka futhi ubone ukuthi lolukhozi olungumama lukhulu kangakanani, khona-ke uyazi ukuthi kwenzekani na? Umama ubuka abancinyane bakhe, kukhona okungalungile ngabo, banenqwaba yezimpaphe, kodwa ziningi kakhulu izimpaphe ezixegayo kubo, izimpaphe ezindadlana nje okufanele zikhishwe lapho. Niyazi ukuthi uqala ukwenzani na? Uqala ukuphephetha lawomaphiko amakhulu, futhi lapho enza, kuba ngamandla amakhulu, aze aphephethe zonke izimpaphe ezixegayo ziphume kulezozinkozi ezincane.

⁹⁸ Uma sake sabakhona isikhathi lapho umama khozi ehlezi esidlekeni sePentecostal, sinamhlanje, kunezimpaphe eziningi kakhulu ezixegayo ebandleni lePentecostal. O, yebo! Nina besifazane, niphungula izinwele zenu, lokho akulungile, iBhayibheli lasho ukuthi akulungile. Futhi niphume ntambama futhi nigqoke lezo ezincanyana ezindala, izingubo ezimfishane

ukuba nigunde igceke, kuyiphutha, kuyisono ebusweni bukaNkulunkulu ukwenza lokho. Futhi wena uthi, “Qhabo, angizigqoki izikhindi, ngigqoka amabhulukwe amasleksi.”

⁹⁹ IBhayibheli lathi, “Owesifazane oyogqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” UNkulunkulu akaguquki. Izimpaphe eziningi kakhulu ezixegayo ebandleni lePentecostal, akakalungeli ukusuka andize okwamanje.

¹⁰⁰ Kwakuvame ukuthi kwakungalungile kwabesifazane bobungwele, nabesifazane bebandla ukuba bapende izinzipho, noma leyonto oyigcoba emlonyeni nasebusweni bakho. Kodwa ungeke wahlukanisa omunye komunye. Yini indaba na? Izimpaphe eziningi kakhulu ezixegayo. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Lokho kungahle kukugulise.

¹⁰¹ UMama wayevame uku...Sakhuliswa phezulu lapha ezintabeni, sasidingeka sithathe izikhumba zenyama ezindala futhi sizibilise futhi sithole ugrisi ukwenza isinkwa sommbila, uphizi onamehlo amnyama, ukudla kwasekuseni, idina, nesidlo sakusihlwa. Futhi njalo ngoMgqibelo ebusuku, sasidingeka sithathe umthamo kakhasta oyela ngaphambi kokuba ubuyele esikoleni ngoMsombuluko ekuseni. Ngiyakukhumbula lokho futhi, futhi ngangithathe okuningi kakhulu kwaleyonto, angikwazi ukumela ukuyihogela, nokho. Futhi njalo lapho ngiqala ukuya kuMama, ngiqala ukubamba ikhala lami, ngathi, “Mama, kungenza ngigule kakhulu!”

Wathi, “Uma kungakwenzi ugule, akukusizi ngalutho.”

¹⁰² Ngakho yileiyondlela okungayo namhlanje, uma ukufundisa kweBhayibheli okudala nokushumayela kungakugulisi, akukusizi ngalutho, kushukumisa ukudla kwakho kokomoya. Lelo yiqiniso. O, yebo.

¹⁰³ Nani besifazane, ongowebandla, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness, niyohlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuzwa lento yokungamesabi uNkulunkulu ka *We Love Susie*, noma ngabe lokho kuyini, esikhundleni sokuya emhlanganweni womkhuleko, futhi nilalele leloshinga, ngiyaxolisa ngokukusho, u-Arthur Godfrey, u-Elvis Presley, nazo zonke lezozinto zokungamesabi uNkulunkulu ezingalifanele ibandla. Niyazi ukuthi lokho kuqinisele. Khona-ke niyamangala ukuthi kungani singenakundiza. Niyamangala ukuthi kungani uNkulunkulu engenakubuyisela iziphiwo ebandleni.

¹⁰⁴ Kanjani...? Akanalutho angabuyisela kulo okwamanje. Izimpaphe eziningi kakhulu ezixegayo, abashumayeli abaningi kakhulu abaxegayo abangeke bashumayeke iqiniso ngakho, iBaptisti, iMethodisti, iPentecostal, futhi. Sidinga eyifeshini endala, imvuselelo ethunyelwe nguNkulunkulu, noMoya

oNgwele weBhayibheli ubuyele ebandleni okukuhlanza emphfumulweni wakho ngaphandle.

¹⁰⁵ Wena uthi, “Angizigqoki lezozinto, nenekazi, noma, Mfowethu Branham. Angizigqoki lezo ezincane, izinto ezimfishane.”

¹⁰⁶ Bukani ukuthi nigqoka kanjani, nokho. Abesifazane behla ngesitaladi begqoke lezi ezindadlana, izingubo ezibukeka zikhanukisa, niyazi ukuthi nizokwenzani na? Nizophendula ngoSuku lokwaHlulelwa ngokuphinga. IBhayibheli lathi, “Obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye.” Uma-ke uzigqokisa kanjalo na? Ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho, kodwa uma lesosoni sikubuka ukuba sikukhanuke, lapho siphendula ngokuphinga, nguwe onecala owasenza sakwenza.

¹⁰⁷ Ningahle ningangithandi emva kwalokhu, kodwa eNkantolo yokwaHlulelwa... Angifuni ukuba ngothandwa ngabantu, ngifuna ukuba qotho.

¹⁰⁸ Awu, wena uthi, “Mfowethu Branham, abadayisi noma yiluphi olunye uhlobo lwezingubo zokugqoka.”

Kodwa basayithengisa imishini yokuthunga nezimpahla, ngakho asikho isidingo sokuzama ukuphuma kukho. Lelo yiqiniso.

¹⁰⁹ Awu, wena uthi, “Ugcona thina besifazane.”

¹¹⁰ Kulungile. Mnumzane, nakhu la ukhona: Indoda ezovumela umkayo agqoke ipheya lalezizingubo futhi angene ezitaladini, noma abheme usikilidi, lokho kukhombisa ukuthi wenziwe ngani, ayikho *indoda* eningi kuye. Kunjalo impela.

¹¹¹ O, ibandla lonke lidinga okuhle, ukuphephetha okuyifeshini endala! Sethembele kakhulu ekusineni, sethembela kakhulu ekushayeni izandla zethu, (Ngiyakuthanda lokho.), ukumemeza, ukukhuluma ngezilimi, nokugijima phezu kwephansi, lokho kuhle, ngikuvumela konke nokunci kwakho, ngikholwa ukuthi yonke into uNkulunkulu ayiloba eBhayibhelini iyiqiniso, kodwa, mfowethu, uma singayiphili impilo ukuqhathanisa nalokho esikwenzayo, kungcono siyeke ukwenza size sithole uhlobo olufanele lomoya kukho. Kunjalo. Umuthi waziwa ngesithelo osithelayo. Manje, lelo yiqiniso, mngane.

¹¹² Uthini umama na? “Angizithandi lezozimpaphe ezincane ezisakhula, asizikhiphe.” Futhi uphendula lolokhozi oluncane, bese ethatha lawomaphiko amakhulu bese eqala ukulibhakuzisa. Futhi mfowethu, lapho lowomoya walawomaphiko ushaya lezo ezincane, izimpaphe ezixegayo, izimpaphe zindiza yonke indlela. Futhi lapho ibandla lizihlanganisa lona uqobo ndawonye futhi likhothamise ubuso balo busehlazweni, njengoba lezozinkozi ezincane ziqoshama, ngiyanitshela, nakho kuvela eZulwini inhloko kungathi

eyokuvunguza komoya onamandla, futhi ihlanza ibandla, konke nokunci kwalo, kukhipha konke okwezwe kulo, zonke izimpaphe ezisakhula ziphume, zonke izimpaphe ezixegayo. Awu, uma lukhipha lolokhozi oluncane ekundizeni kwalo nalezozimpaphe ziphakathi, beluyokwephuka intamo yalo.

¹¹³ Futhi uma ibandla, ngaphansi kwezimo namhlanje, lizame ukundiza lwangena eziphiweni ezinkulu nezinto... Nibe nenqwaba yobuhlanya. Ngiyabonga ukuthi akukagadli kulelizwe okwamanje, leli yizwe elisha elingakathintwa. Befundisi, ngiyaniyala eGameni likaJesu, ukuba nibhekisise leyonto, zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo ezincane namadlingozi, akukho okuyoke kuthathe indawo yeBhayibheli, kunjalo, hlala eZwini likaNkulunkulu, ungaLishiya, hlala lapho.

¹¹⁴ Manje, bajikeleza nazo zonke izinhlobo zezinto futhi bazibiza ngamaKristu, amakholwa. Kufanele ku... Angisho ukuthi abasilo ikholwa; inkukhu iyinyoni, nayo, kodwa ayikaze ibe ndawo. Ayinazo izimpaphe ezenele ukuyiyisa phezulu lapho, futhi uma ikwenzile, bekuyokwephula intamo yayo. Thatha iqhude elidala kanye nokhozi bese uliqathaza liphume ebhanoyini kanye... Ukuba-ke ukhozi lwalithatha lwalenyusela lapho futhi lwalishova na? Beliyobuthuka emoyeni. Kungaleiyondlela ngamanye alamaqhude amadala akhalayo ngapha nangapha athi, "Izinsuku zezimangalis selwedlule," nokunye nokunye, awazi lutho ngamandla kaNkulunkulu, uJesu wathi awazange. Efundile esibuyeni, awazi lutho ngabaseZulwini lapho ofanele wethembe uNkulunkulu yedwa. Amen.

¹¹⁵ Qaphelani, manje nazo, futhi lapho eziphendula, futhi uzishova kahle ngempela, nalawomaphiko amakhulu aqala ukuphephetha zonke izimpaphe ezixegayo ziphume, futhi akhipha zonke izimpaphe ezindala, manje uthi, "S'thandwa, yenyukelani lapha. Niyabona ukuthi ngimkhulu kangakanani na? Gxumelani emaphikweni ami, ngizoninika ukundiza eningakaze nibe nakho ngaphambili.

¹¹⁶ Futhi yileyondlela uNkulunkulu azokwenza ngayo lapho Ekhipha bonke ubuwula ebandleni, lapho Ekhipha bonke ubuzwe ebandleni, Uzonikeza ibandla ukuba lindizele ndawondawo, emikhathini abangakaze bazi ngayo. Kungani ungemukela isibambiso, zibe izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangokoqobo na? Impela. Kungani ufanele ulandele idlingozi noma imfundiso engaphikiswa ethize encane, lapho zonke izibhakabhaka zinamafu ngoMoya oNgcwele namandla angempela kaNkulunkulu na?

¹¹⁷ Khona-ke welula amaphiko akhe, ziyalazi iphimbo lakhe, zikhwela phezulu, futhi umfo omncane ngamunye ubeka izinyawo zakhe phansi ngqo kulawomaphiko amakhulu aqinile. Ngani na? Zingena ngempela. Uthatha umlomo wakhe omncane,

bese ebamba uphaphe, iphiko likamama, bese-ke ezithatha emaphikweni akhe amakhulukazi, mbukeni. O, he, lezozinkozi ezincane lapho azingaphezu kwamachashaza othuli lapho.

¹¹⁸ Bukani uNkulunkulu Obamba inyangaphazulu, izinkanyezi phezulu, Angakuphakamisa kakhulu kangakanani na? Bheka phezulu futhi ubone ukuthi mkhulu kangakanani nokuthi Unamandla kangakanani. Yini eyenza lomhlaba nezulu uhlale emkhathini na? Ephikweni likaJehova akwehlukene nothuli, yilokho kuphela okuyikho, uthuli oluncane nje emaphikweni aKhe. “Umkhulu kangaka, Jehova-Khozi, Umkhulu kangaka!”

¹¹⁹ Khona-ke lapho lwelula amaphiko alo amakhulu, abancinyane bonke babambelele, bathi, uthi, “Hlalani nithule, bantwana, ngizoninika ukuxhuxhuma eningakaze nibe nakho ngaphambili. Ngizokwenza ukhozi lwangempela ngani manje.”

¹²⁰ Uyasuka kulesosidleke, usevele uphezulu okokuqala nje. Manje khumbulani, abakaze baphume kulesosidleke, babheke phezulu, bakubhekile, bakubona kude le, kodwa abakazi ngempela ukuthi kuyini okwamanje. Ngakho uyabakhuphula, bafanele babambelele khona-ke, futhi uyaqhubeka, aqhubeke, aqhubeke, aqhubeke, aze aphakame kakhulu awukwazi ngisho nokumbona, neze. Niyazi ukuthi wenzani lapho efika phezulu lapho na? Ubathintitha basuke emaphikweni akhe. “Zibhakuzeleni, niyizinkozi, anisoze nandiza kancane.” Haleluya! Impela, uma ugula, mhlawumbe uNkulunkulu ukuthuntuthe emaphikweni aKhe ukukunika ukubhakuza ukuba ukwenze.

¹²¹ Awu, labobafo abancane baphezulu nje lapho, nje... Wenzani na? Ngabe uyabashiya na? O, qhabo, ushwibeka nje eceleni futhi uyababhekisisa. O, he, omunye ubuka ngale bese ethi, “Buka, John, engikwenzayo!” O, uyandiza nje khona lapho. Nomama wezinkozi uyamamatheka njengoba manje sebeka yizinkozi zangempela, bangandiza, baphumile esidlekeni, baphumile ehlelweni, izicathulo zehlelo.

¹²² Ihlelo lilungile, kodwa liboshelwe phansi lonke, uphezulu emoyeni ngaphezu kwesidleke manje. Ungahle ukuba uzalelwe esidlekeni sePentecostal, noma isidleke seBaptisti, kodwa kungcono uphume kuso ngokukhulu ukushesha. Ningaphumi emabandleni enu, phumani esidlekeni.

¹²³ Kulungile. Yenyukela lapho lapho owethemba khona uNkulunkulu ukuba uMkhulwe ngokuphulukiswa, uMkhulwe ngensindiso, uMkhulwe ngoMoya oNgcwele, uMkhulwe ngakho konke. Mthembeni, niyizinkozi, nenziwe... u—ungumntwana kaNkulunkulu, ukholwa njengoba kwenza uNkulunkulu. Uyalikholwa iZwi laKhe, ngoba ubuzondla ngeZwi laKhe, wondliwe nguMoya oNgcwele, iZwi, khona-ke ungandiza.

¹²⁴ Awu, niyazi, uyabhekisisa, ngoba kanye ngasikhathi, omunye uphuma—uphuma enqubweni, uthi ukuhamba

egumbuqela, niyazi, uyaphenduphenduka futhi akakwazi ukubuya athole ibhalansi yakhe futhi. Impela ngiyakholelwa emseni! Khona-ke umama, uJehova-Khozi, niyazi ukuthi wenzani na? Undizela phansi ngqo bese embamba ngamaphiko aKhe bese embuyisela ngqo emseni futhi. Yileyondlela akwenza ngayo, yileyondlela umama khozi enza ngayo. Ungesabi ukwenza okunye ukubhakuza, okunye ukuzama, okunye ukucindezela, ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Ungeke uphazame, awuzukuzilimaza.

¹²⁵ Uthi, “Awu angahle angivumele ngishaye phansi.”

¹²⁶ Lezozinkozi ezincane azikhathazeki ngalutho ngakho, zibona umama ngaso sonke isikhathi, ngakho-ke nje zinejubili lazo lePentecostal, zinesikhathi esimnandi nje, zibhakuza zigumbuqela, noma yini enye, zinesikhathi esimnandi nje, impela.

¹²⁷ Khona-ke emva kokuba sezisondele phansi lapho ezingahle zizilimaze khona, umama khozi uyabhekisisa futhi uyazizungeza, ngaso sonke isikhathi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] O, ngiyakuthanda lokho. Uyazungeza nje. Bese kuthi-ke lapho ebona ukuthi zingahle zilimale, seziya phansi kakhulu ngakho akasakwazi ukuzicosha, uphakamisa amaphiko akhe amakhulu futhi umemeza kakhulu. O, sewake wezwa ukhozi lumemeza na? Lapho ememeza kakhulu, zonke ziyanaka, futhi phansi yilezozinkozi ezincane, elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, zivele zibhakuze ephikweni ngqo, futhi zizibambe.

¹²⁸ O, Uzokuthwala noma ngasiphi isikhathi. Mfowethu, ungalokothi ukhathazeke, Uzokubhekisisa, Wazi konke ngawe, Uyakuthanda, ungumntwana waKhe, ungesabi ukuMethemba. Uma Ekuthintithela emoyeni, Ukunikeza nje ukundiza uwedwa. Sizothatha okukhulu, ngolunye lwalezizinsuku, sihambe siyothi ngqu eNkazimulweni. Ngakho kungcono ufunde ukuthi Wethenjwa kanjani manje ngenkathi usengakwazi. Ungeke wakwenza ngazo zonke lezozimpaphe ezixegayo zilenga ngakuwe, kungcono wehlele lapho umoya uvunguza uvela eZulwini, unyakazise zonke izinto zisuke kuwe, lonke izwe, yonke iminako yezwe, nalo lonke uthando lwezwe luphume kuwe.

¹²⁹ IBhayibheli lathi, “Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Ungandiza kanjani-ke na? Asikwazi ngisho nokuhamba. Ufuna ukuziphathisa okomfowenu wesibuya ezansi lapho, engakaze asuse izinyawo zakhe emhlabathini, ngahle ukuba wandizela phezu izinyawo esixotsheni sothango ndawondawo, lokho ngokuphakeme angake afike kukho, inkukhu.

¹³⁰ Niyazi, ngesinye isikhathi indoda, ngatshelwa, ukuthi yayifukamelisa isikhukhukazi esidala, futhi yathola iqanda

lokhozi, ngakho yacabanga, “Ngikholwa ukuthi ngizobona ukuthi lokhu kuzokwenzani.” Ngakho yathatha iqanda lokhozi, yase ilifaka phansi kwesikhukhukazi esidala. Kwase kuthi-ke ngenkathi lolokhozi luchanyuselwa nazo zonke lezozinkukhu, uma lwalungesiyo inyoni ebukeka ixakile, encane kuzo zonke izinkukhu! Lokho kuthi akube yindlela okungayo, uthola cishe okukodwa esimisweni, lokho kuthi akube yindlela okuthola ngayo. Balinganisa cishe kanjalo, oyedwa ngaphandle kwesimiso.

¹³¹ Futhi njalo lwaluyi—yinyoni ebukeka ixakile. Ngani, luyinyoni ehlekile, alusiyo inkukhu kwasekuqaleni nje. Ngakho manje-ke, isikhukhukazi esidala, siyakukuza, futhi asilutho ngokukukuza kwesikhukhukazi. Siphumela esibuyeni enqwabeni yomquba, futhi siqala ukuqhanda, “*Ku, ku, ku, ku!*” Alwazi lutho ngalokho, luwukhozi.

¹³² Ngakho kwahlekiswa ngalo, nazo zonke izinkukhu ezincane zathi, “Bukani lowomgingqiki ongcwele, akafani nathi.” Konke eyake yafundiswa kukho kwakuyinqwaba yomquba, ndawondawo yekholiji elithize, ayazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. Ekwaziyo kuphela ngenye isayense yezinkolo eyenziwe ngumuntu, ayidingekanga neze ibeke uNkulunkulu ethembeni. “*Ku, ku, ku!* Kungecono ungayi ngakulabobantu. *Ku, ku, ku!* Izinsuku zezimangaliso... Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.”

¹³³ Njengomfo omdala oyikhaladi wake washo ngenkolo ezwakala enhliziyweni, wayehlala ejabule, ubasi wakhe wathi, “Sambo, ngingathanda ukwazi ukuthi leyonkolo ezwakala enhliziyweni iyini.”

Wathi, “Yinhle, basi.”

“O,” wathi, “Angikholwa ukuthi kukhona noma yini efana nenkolo ezwakala enhliziyweni.”

Wathi, “Iphutha elilodwa nje olenzile: Awazi ukuthi kukhona noma yini ngenkolo ezwakala enhliziyweni, ngokwazi kwakho.” Awu, lokho... wayazi okwehlukile.

¹³⁴ Isehlakalo! UNkulunkulu ufuna iBandla laKhe ukuba libe nesehlakalo ngokuMethemba nokuthatha iZwi laKhe, bayizinkozi. Uma beyizinkozi, bayodla uKudla kwezinkozi.

¹³⁵ Manje, ukhozi lungeke ludle ukudla kwezinkukhu, kodwa inkukhu ingadla uKudla kwezinkozi. Niyambona umzenzisi na? Kunjalo. Ukhozi lungeke ludle okudliwa yinkukhu, kodwa inkukhu ingadla lokho ukhozi olukudlayo, futhi idle lokho elukudlayo, nalo.

¹³⁶ Njengegwababa nejuba emkhunjini, igwababa lingadla noma yini, kodwa ijuba lingadla kuphela okusanhlamvu, kodwa igwababa lingadla okusanhlamvu, futhi lidle esidunjini esifile,

nalo. Lowo ngumzenzisi omdala ongaya esontweni futhi azenze sengathi ungumKristu, aphume ngqo nezwe, athi, “Akuwulahli unembeza wami.” Awu, abasenawo unembeza kunoma inyoka inezinqulu. Aba—abazi lutho ngakho, noma yini ngonembeza. Bangaba nakho kanjani, lapo bengenakho kwasekuqaleni na?

¹³⁷ Umama wami wayevame ukuthi, “Ungeke ulithole igazi kutheniphu.” Futhi lelo yiqiniso. Angikusho lokho ukuba kube yihlaya, lena akusiyo indawo yokuhlekisa, leli yiZwi, imiphefumulo isengozini. Ngisho lokho ukukwenza kube iphuzu, ukukuqhubela ekhaya kini ngendlela elula, ukuze nikuqonde. Impela. Kulungile.

¹³⁸ Khona-ke lolukhozi oludadlana, lwalulandela ngapha nangapha, nomama omdala asukume lapo futhi aqhwande kancanyana, futhi athi, “Sizoba nesidlo sakusihlwa sesobho kulobubusuku, sifanele nje sikhokhele umelusi.”

Wathi, “Yini ezweni le?”

“Awu, ngizokutshela, uma ungesiyo iPresbyterian, noma iBaptisti, noma uS’bani-bani, uvele nje. . .”

“Yini le?” Lwalungakuqondi nje ukukukuza kwesikhukhukazi, lwaluyinyoni ehlukile.

¹³⁹ “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engaMdonsi.”

¹⁴⁰ “Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile: labo Ababizile, Ubalungisisile: labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile.”

¹⁴¹ Wethuswa yini na? Ungesabi ukuthatha lokho kundiza ngawedwana, ungesabi ukubeka uNkulunkulu ekuvivinyweni, uma ulukhozi, awesabi. Uma uyiNzalo ka-Abrahama, okungukuthi nguYe kuphela othola isithembiso yiNzalo ka-Abrahama, nibiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona uma uNkulunkulu esho njalo. Ningesabi, akukho ukuba ukusabe.

¹⁴² Aniqondi ukuthi kanjani zonke lezizinhlangano zemiphakathi, namaphathi, nemibukiso yezithombe, nayo yonke into ebandleni, nemidlalo yebhola, nakho konke okunye ukwenza imali ukukhokhela umelusi. Akukaze kuhloswe, impela akunjalo. Kodwa ubilisa iqhude elidala bese ulithengisa cishe ngedola nohafa ipuleti, niphendule igumbi eliphezulu laba yigumbi lokudla kwakusihlwa. Kunjalo. Anidingi ukuba nenze lokho, thatha uNkulunkulu eZwini laKhe, Ungumnikazi wezinto zonke. Impela.

¹⁴³ Kodwa ungeke wakwenza lokho ngezivumokholo ezincane, nezimpaphe ezixegayo, amadlingozi amancane, ufanele ngokoqobo ube u—ukhozi olwenziwe lwangempela nento ethize ngaphakathi kuwe ekutshela ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, owaziyo ukuthi Umi ezindaweni zonke, futhi Ukuqaphele, akukho okungakulimaza. Akukho-nkentshane ikoyote engakuthola, akukho okungalimaza.

“IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMesabayo. Izinkulungwane eziyishumi zingawela esandleni sakho sokunene, nezinkulungwane eziyikhulu esandleni sakho sokunxele; kodwa akusoze kwasondela kuwe.” Uqapha ifa laKhe imini nobusuku. “Mina iNkosi ngikutshalile; Ngiyakukunisela imini nobusuku: funa abanye bakuhlwithe esandleni saMi.” Yifa likaNkulunkulu, ukhozi.

¹⁴⁴ Ngakho kuyimpilo ebukeya ixakile ngakwenye yalezozindawo, lezozinkukhu zomshini wokuchamusela, ngalapho, awazi ukuthi uzokwenzenjani ezweni. Ukukukuza kwesikhukhukazi, alukuqondi lokho. “Kungani, bengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu na? Bazibiza ngebandla, bathi bakholelwa kuNkulunkulu, kungani bengakholelwa ukuthi Unamandla onke na? Lapha Lathi isithembiso sikaMoya oNgcwele...Bukani indlela abenza ngayo emuva lapho, bangena ezweni njengomlilo ovuthayo, baphulukisa abagulayo, benze izimangaliso nezibonakaliso, futhi babenokujabula nokuthula, baphawula ubufakazi babo ngempilo yabo. Kungani lelibandla lingakwenzi na? Nokho bathi bayiBandla likaNkulunkulu oPhilayo.” Ukhozi lweqiniso ngeke lwakuqonda lokho.

¹⁴⁵ Kodwa niyazi ukuthini? Kukhona okwenzeka ngolunye usuku, umama khozi omdala wandizela phezu kwesibuya, futhi waphenduka, futhi wabheka phansi (Ngijabula kakhulu ngalokho!), wathi, “Nango umntanami.” Waphenduka futhi, futhi wamemeza kakhulu, “S’thandwa, awusiyo inkukhu, ungowami!”

¹⁴⁶ O, lwaliqonda lelophimbo. Impela. Into ethize eyaletha imiphumela njengoba kwenza ukuzalwa ngoSuku lwePhentekoste, Okuthile kwakujikise ukunaka kwalo phezu, “Ngiyakuqonda lokho kubiza.”

¹⁴⁷ Waphendula wamemeza kakhulu, wathi, “Awusiyo inkukhu, yingalesosizathu ungakaze weneliseke. Awuzalelwanga inqwaba yomquba wezwe, uyinyoni ezalwa ezulwini. Awuboshiwe yisivumokholo esithize nehlelo, unenqwaba yendawo, amazulu awakho.”

Luthi, “Ufanele ube ngumama wami! Mama, ngingaphuma kanjani kukho na?”

Wathi, “Ngizokutshela, Ndodana, gxuma nje kancane bese uzama amaphiko akho kanye.”

¹⁴⁸ Yilokho kuphela ofanele ukwenze, thatha uNkulunkulu nje eZwini laKhe bese uphumela kuLo kanye. Yebo, mnumzane. Uma nonke niboshelwe phansi, niyiqeqeba lamakhaza niye ekufeni kwelinye ihlelo, thatha uNkulunkulu nje eZwini laKhe, phuma kanye, uthi, “NgiyaKukholwa, Nkosi. Ngizwe iPhimbo elakhuluma kimi, lithi, ‘Yenyukela phezu.’” Mthathe eZwini laKhe kanye, ubone ukuthi kwenzekani.

¹⁴⁹ Awu, niyazi ukuthi wenzani, lolukhozi oluncane na? Lwagxuma kakhulu futhi lwabhakuzisa amaphiko alo, lwahlala ngqo phezu kwesigxobo sesibuya, khona impela phakathi nehlelo, lokho kuphakeme njengoba wake wafika.

Wampongoloza, “S’thandwa, ufanele ugxumele phezulu kunalokho, kungenjalo angikwazi ukukuthola.”

“Awu, ngingoka *S’bani-bani*, Mama.”

“Phuma kulokho! Gxuma nje futhi, bhakuzisa amaphiko akho amancane, futhi ngizokuthola.” Amen. Futhi lwenza lokho kushwibeka okukhulu.

¹⁵⁰ Futhi ngenkathi luthatha lesosinyathelo esenele konke ukuba luthi, “Angiseyena umBaptisti ehlelweni. Angiseyona iPresbyterian. Angiseyona iPentecostal, kodwa ngingowaKho, Nkosi, ngilapha, ngibhakuza ngakho konke okuphakathi kwami,” uyambamba, futhi usuka uya emazulwini nenyoni yakhe.

¹⁵¹ Ugxume waya phezulu kangakanani na? Wethembe kangakanani na? Uma ulukhozi lukaNkulunkulu, usulungele ukuMthatha eZwini laKhe. Usulungele ukwethembela kuYe ebusweni bokufa, kumbe noma yini enye, ulapho ukuMethemba.

¹⁵² Senginihlalise isikhathi eside kakhulu. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Umshayi we-ogani uzofika lapho, *Ukholo Lwami Lubheka KuWe*.

¹⁵³ Ichwane lokhozi oluncane, ebelinganelisekile, manje, anginitsheli ukuba nishiye ihlelo lenu, uma uyiBaptisti, hlala uyiBaptisti, uma uyiPresbyterian, hlala uyilokho, kodwa engizama ukunitshela ukuba nikwenze ngukuphumelela emaphikweni kaJehova kanye, nilukhozi. Ibandla lakho alikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, awukholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, awukholelwa kulokhu ukuzalwa ngokusha, phuma kanye futhi uthole isithembiso. UJesu wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewuqonde ngisho uMbuso kaNkulunkulu.”

¹⁵⁴ Manje, amakhanda enu ekhotheme, ngifuna ukunibuza okuthize, ngobuqotho. Ngiyazi ukuthi umlayezo ubuluhlaza, kodwa ngizama ukuthola iphuzu kini, ngicabange ukuthi uma ngikubeka ngendlela elula, kanjalo, ukuthi uNkulunkulu uzokwazisa kini, ukuthi mhlawumbe Ubengakwembula ngesimo somntwana. Nina, befundisi, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, nani bantu abadala, abangcwelisiwe niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, ngizama ukutshela laba okungekude kakhulu, lentsha, abanye babo abangekho phakathi nhlobo, bafanele baphume kukho. Ufuna ukwethemba uNkulunkulu, khona-ke khuphukela phezulu kancane, ukhuphukele endaweni lapho Azokubamba khona emaphikweni aKhe.

155 Manje, uma ungenaye uKristu namhlanje, futhi uyazi ukuthi awukaze ungene ezibhakabhakeni, esidlekeni sehlelo lakho elidala, o, unakho kalula, kodwa kamuva nje kube nezinto ezenzekayo, ubungathanda ukukhuphukela phezulu kancane na? UNkulunkulu wahlakaza lesosidleke ukuze Akukhiphe kuso. Uyakuqonda engikuqondile na? Uma ungathanda ukuba uNkulunkulu akuthathe esidlekeni sokungakholwa, nalokho kungabaza, nokwesaba, onakho, ningaziphakamisa nje izandla zenu kuYe, bese uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi.” Ungasiphakamisa nje isandla sakho na?

156 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, lapha. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, nawe, mfowethu, nawe, nawe, nawe, dadewethu, wena, mfowethu. Emuva nangakwesokunxele, awu, wena, dade, wena, mfowethu, wena, mfowethu, wena, emuva lapho.

157 Iphansi lami ngakwesokudla. UNkulunkulu akubusise, wena, yebo, nxazonke. INkosi ibe nawe. UNkulunkulu akubusise, ndodana.

158 Uvulandi osesitezi ngemuva, manje. Phakamisani izandla zenu, bese nithi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Yonke impilo yami...” UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. Yebo, konke phansi naphezulu ohlwini, yonke indawo. Phakamisa isandla sakho nje, Uyasibona. Impela.

159 “Yonke impilo yami, Mfowethu Branham, sengibe yilunga lebandla iminyaka, kodwa bengihlala njalo ngikholwa ukuthi kwakukhona okungaphezu kokuba yilunga lebandla. O, ngingowe-Assemblies. Ngingowe—i-Oneness. NgingoweChurch of God. NgingowePilgrim Holiness, noma iNazarene. NgingoweBaptisti. IMethodisti.” Noma ngabe kuyini, akwenzi nomnci umehluko, bonke bayafana nje, izimpawu nje enizigqokile, ungumKristu enhliziyweni, hhayi ngoba usehlelweni. “Ngasho ezinye izivumokholo. Ngabhaphathizwa ngendlela ethize. Ngatadisha isayense yezenkolo.”

160 Ngibe nothisha omkhulu engitshela, lapha emavikini ambalwa edlule, noma, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, “Ngineziqu ezenele ukuplastela udonga lwakho ngazo, Mfowethu Branham, kodwa uphi uJesu kukho konke okwakho na?”

161 Awumazi uJesu ngokuba neziqu, iB.A., iZiqu zobuCiko, noma awuMazi nge D.D., uMazi ngokwemukela uMuntu kaKristu, uJesu.

162 Indoda ifika kimi esikhathini esingesele esedlule, futhi yathi, “Mfowethu Branham,” iloli elidala lemfucumfucu, yathi, “Ngangiyisicebi eminyakeni emibili edlule, ngathengisa indawo yami yezimoto, ngenze konke ngizama ukuthola

ukuthula noNkulunkulu, ngikunike abefundisi.” Yathi, “Ngehlela emvuselelweni kaBilly Graham, wasitshela ukuba siphakamise izandla zethu futhi wathi siyokwemukela uKristu. Ngakwenza, wangitshela ukuthi kwase kuphelile, kodwa,” yathi, “bekungenjalo, Mfowethu Branham.”

¹⁶³ Yathi, “Ngase-ke ngiwelela kwiFree Methodisti, futhi bangitshela ukuthi ngangifanele ngingcweliswe futhi ngimemeze, futhi khona-ke kuzobe sekuphelile.” Yathi, “Ngakwenza, kodwa bekungakedluli.” Yathi, “Ngaya kumvangeli owaziwayo,” nonke enimazi kahle ngempela, omunye wabakhulu kunabo bonke ensimini yamaPentecostal, yathi, “bathi ngifanele ngikhulume ngezilimi, futhi uma ngingakhulumanga ngezilimi, ngangingenawo uMoya oNgcwele.” Ngakho yathi, “Ngangena, amadoda asebenza ngokwethembeka kimi, futhi ngakhuluma ngezilimi, angitshela ukuthi kwase kuphelile, kodwa,” yathi, “Mfowethu Branham, kwakungenjalo. Pho ngingenzenjani na? Ngi-ngisendaweni esabekayo nje.” Yathi, “Ngi...”

Ngathi, “Kuqale kanjani na?”

¹⁶⁴ Yathi, “Ngangithengisa izimoto, umkami wehlela ebandleni lePentecostal; sasingamaLuthela.” Yathi, “Ngaya esontweni cishe kabili empilweni yami, futhi wehla futhi wathola uMoya phezu kwakhe.” Yileyo ndlela eyakubeka ngayo kimi. Futhi yathi, “Uyafika... Uyabuya futhi wazama ukungithola ukuba ngihambe.” Futhi ngamtshela, “Manje, S’thandwa, qhubeka, ngizokunika imali yokusiza ibandla lakho, kodwa hhayi mina, angiyena okholwayo.” Yathi, “Lokho kwaqhubeka cishe unyaka. Ngoluny’usuku,” wathi, “umkami, wayengoweChurch of God, futhi wenyukela e... enhla eTennessee emvuselelweni,” lokhu kwakuseMinneapolis, wayesethi, “Wenyukela lapho.”

¹⁶⁵ Futhi yathi, “Ngangithengisa imoto, futhi ngabuya ngangena, ngangigqoke ibhantshi lami, kwakuyisikhathi sasehlobo, ngahlala phansi ngasefenini,” yathi, “Ngacabanga, ‘Angazi noma ngabe ngilunikile yini lelonekazi ukhiye emotweni yalo.’ Ngafaka isandla ephaketheni lami, ngase ngidonsa ithikithi elincane, futhi lathi, ‘Uyolichithelaphi iPhakade na?’” Yathi, “Kwangishaya.” Yathi, “Ngathi, ‘O, awu,’ ngaliphosa kubhasikidi kadoti.”

Yathi, “Into ethize yathi kimi, ‘Usudlule eminyakeni engamashumi amane ubudala, lowombuzo ufanele uxazululwe: Uzolichithelaphi iPhakade na?’”

Yathi, “Ngalicosha, ngalibuka, ngaliphonsa emuva, ngalicosha futhi.” Futhi yathi, “Izinyembezi ziqala ukwehla ezihlathini zami.” Yathi, “Ngase ngiqala ukuzingela.”

¹⁶⁶ Ngathi, “Ngifuna ukukubuza, mfowethu. Lokho uBilly Graham akutshela khona kuyiqiniso;” futhi ngathi, “lokho iFree Methodisti eyakutshela khona, ukuba umemeze futhi

uthole ukungcweliswa, lokho kulungile; lokho u-Oral Roberts akutshele ukuba ukhulume ngezilimi wenzele uMoya oNgcwele, lokho kulungile, futhi khona-ke akulungile, zonke lezozinto ziyizingxenye ezingahlukaniseki zikaKristu. Ukwemukela uKristu kungukwemukela uMuntu, iNkosi uJesu, khona-ke lezi ezinye izinto zizokwenzeka.”

Wathi, “Awu, ucabanga ukuthi ngake ngakwenza na? Noma, ucabanga ukuthi ngingake ngikwenze na?”

Ngathi, “Usuvele ukwenzile, mfowethu.” Ngathi, “Ubuhamba wehla ngomgwaqo, uzonda inkolo, kungekho nkolo nhlobo, futhi wabuka lesayini encane, neNto ethize yakuguqula, futhi iminyaka emibili ubuyifuna futhi wazingela.”

Yathi, “Kwenzekeni na?”

Ngathi, “Kusho ukuthini *ukuphenduka* na? ‘Waphenduka.’ Wawuhamba ngesinye isikhathi ungenalutho, uzonda uNkulunkulu, uzonda inkolo, uqhubeka ungakunaki, khona manjalo, khona lapho edeskini lakho, wabuyela emuva nenyuka ngomgwaqo, uzingela uNkulunkulu, ufuna uNkulunkulu. Kwenzekani na? Waphenduka.”

Yangigaxa ngezingalo zayo, yaqala ukukhala izinyembezi, yathi, “Mfowethu Branham, ngibe naKho sonke isikhathi na?”

Ngathi, “Kunjalo. Kunjalo impela.”

Yathi, “Uyazi...” Yathi “Awu, ngaya kubo bonke, futhi bangitshela ukuthi ngangiwele umugqa ohlukanisayo. Bathi wawungumprofethi, ubungangitshela ukuthi yini eyayingalungile.”

Ngathi, “Awumdingi umprofethi, iZwi liyakuxazulula lokho.”

¹⁶⁷ Mngane, akunandaba ukuthi wenzeni, uma usalokhu ungenakho lokho kwethemba kwangempela nokukholwa kuNkulunkulu, leyonto yangempela esenhliziyweni yakho ngempela ukuthi uyazi ukuthi uhlangane noNkulunkulu kulezo zihlabathi ezingcwele, lapho ongabuyela khona emuva lapho kwingemuva logwadule, njengoba kwenza uMose, futhi uhlangane naYe lapho, futhi ubeke umunwe endaweni lapho okwenzeka khona, ngeke kusebenze. Futhi uma ucabanga ukuthi kade ulapho, futhi usalikhathalela izwe, awukaze ube lapho, impilo yakho iyakufakazisa. Ungathanda ukuya lapho kulentambama, sisakhuleka na? Uma ekhona omunye, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham.”

¹⁶⁸ UNkulunkulu abusise izinhliziyu zenu. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, emuva lapha, nenekazi. Kunjalo.

¹⁶⁹ Manje, ngiyaxolisa ngendlela engenanhlonipho yokukuletha ngalezizinkozi kulentambama, kodwa ngifuna ukukwenza

kube lula ukuze nikuqonde. Khona manje eBukhoneni baKhe, uyaMemukela njengowakho—njengoWakho Owenele konke, uNkulunkulu uzokunakekela kusukela kulolusuku kuqhubeke uma nje uzovula inhliziyi yakho.

¹⁷⁰ Manje, ungasho ukuthi, “Ngifanele ngimemeze.” Ungahle. Ungasho ukuthi, “Ngifanele ngikhulume ngezilimi.” Ungahle ukwenze lokho. Ungasho ukuthi, “Ngifanele ngisine eMoyeni.” Ungahle ukwenze lokho. Ungasho ukuthi, “Ngifanele ngikhale.” Awu, ungahle ukwenze lokho, futhi ungahle ungakwenzi. Yemukela uKristu, khona-ke konke ukumemeza, ukukhala, ukukhuluma ngezilimi kuzolandela lokho; kodwa uma unalokho ngaphandle kukaKristu, wenza inhlekisa kuphela. Khumbula, ungaba nazo zonke iziphiwo futhi ungabi naye uMnikezeli, thola uKristu kuqala.

¹⁷¹ Manje, kukhona okungenani izandla ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu noma eziyikhulu ebeziphezulu lapha kulentambama ngalokho. Nonke nina bangcwele bakaNkulunkulu, khulekani nami manje, sisakhulekela lababantu.

¹⁷² Manje, wena ophakamise isandla sakho, u—ulindele. Yini oyizwayo enhliziyweni yakho na? Leyo yifeni, lokho ngamaphiko kaMama Khozi ephosa izwe lonke lisuke kuwe, konke ukungabaza, lokho yilokho, njengalowomoya ovunguzayo onamandla owehla ngePhentekoste, uyakutshela, unephutha. “Bheka phezulu kiMi, futhi ubone ukuthi Ngimkhulu kangakanani,” Kusho njalo. “Ngibheke nje, bheka kiMi, imikhawulo yezwe, futhi usindiswe.” Manje Mkhholweni khona manje, sisakhuleka. Impela, uma Engivumela ngime lapha futhi azi ukuthi yini engi. . . Angazisa khona. . . Ungazisa lokho okudingekayo lapha namhlanje.

¹⁷³ Nkosi Nkulunkulu, laba bangabaKho, kukhona izinkozi ezihlezi lapha, kukhona ezinye zazo ezinezimpaphe eziningi ezixegayo, iminako exegayo, abantu abazisho ubuKristu, abangazi lutho ngokuhamba kwezibhakabhaka, into kuphela abayaziyo ukukukuza kwesikhukhukazi esibuyeni, into kuphela abayaziyo, ukuthi bangabebandla elithize, bafaka amagama abo ezincwadini. Cishe ikhulu labo liphakamise izandla zabo kulona ongahlungiwe, umlayezo omncane.

¹⁷⁴ Nkulunkulu uSomandla, bazise ukuthi Lokho okubenze baphakamisa izandla zabo, nguJesu, uMama Khozi, isiThandwa somphefumulo, esiphephetha ngapha nangapha phezu kwaleliholo elikhulu elincane kulentambama, simemeza kakhulu, “Awusiyo inkukhu, ulukhozi. Awuyibonanga yini inkazimulo yaMi na? Awubukanga yini phezulu ngasezibhakabhakeni ukubona ukukhanya kwelanga na? Awubhekanga yini othingweni lwenkosazana na? Awuwubonanga uMoya waMi kuleliviki, ungena phakathi

kwabantu ngezibonakaliso sengathi akukaze kwenziwe na? Ngিয়ে masinya, Ngenza ukubiza kwaMi kokugcina. Khuphuka uphume kulo namhlanje, undizele phezulu kancane nje, Ngizokubamba futhi ngikungenise emikhathini nezehlakalo ongakaze uzibone ngaphambili.”

¹⁷⁵ Siphe khona, Nkulunkulu. BangabaKho, ngingabakhulekela, kodwa Wena ufanele wenze umsebenzi. Futhi ngineqiniso, Nkosi, ukuthi uma beyizinkozi ngempela, futhi bephakamise izandla zabo, Uzobanika isabelo esenelisayo somphefumulo wabo. Siphe khona, Baba. BangabaKho manje, futhi Ubanika iNdodana yaKho njengezipho zothando, futhi akekho ongabahlwitha esandleni saYo. Nakuba begumbuqela, njengoba sishilo emlayezweni, bangahle babe ngalendlela, nabanye abantu bacabanga ukuthi bayizinhlanga kancane nje, kodwa Awusoze wabavumela bahambe kabi uma beyizinkozi zangempela enhliziyweni yabo, Uzobabuyisela ngqo eqinisweni, babuyele ngqo emseni kaNkulunkulu futhi. Siphe khona, Baba. BangabaKho manje.

¹⁷⁶ Ngithethelele ngendlela enobuluhlaza engifanele ngizwakalise izinto, kodwa angisiyo indoda efundile, Nkosi, ngenza nje okuhle ukwedlula konke engingakwenza ukumela umfundisi emsamo. Ngi...

¹⁷⁷ BangabaKho, bagcine, ngaphansi kwamaphiko aKho aholayo; kwangathi bangaba lapha kulobubusuku ukukubona welula amaphiko aKho amakhulu bese umemeza kakhulu. Bhekisisani amachwane okhozi khona-ke, ukuthi abheka kanjani phezulu, lalalani uMama ewaphendula. Siphe khona, Nkosi. BangabaKho. EGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

¹⁷⁸ Nizizwa ninjani na? Kuyamangalisa na? Manje, leyo bekuyindlela engenanhlonipho yokuzwakalisa okuthize. Bangaki oqondayo ukuthi bengiqonde ukuthini ngakho na? Impela. Ngi... Ngithemba ukuthi niyaqonda. Ngandlela thize nje ukukufaka ebululeni enhliziyweni, ukuze ningakugeji. Niyabo? UNkulunkulu anganitshela ukuthi bengiqonde ukuthini ngakho. Niyabo, ngiqonde lokhu: Kunombhedo omningi ebandleni, kunezwe eliningi kakhulu elingene ebandleni. Kodwa niyazi ukuthini? IBhayibheli lasho ukuthi lonyaka webandla uyoba kanje, unyaka webandla laseLawodikeya, kodwa yisikhathi sokuhlakaza isidleke, izimpaphe ziyandiza. UNkulunkulu ulungiselela ibandla laKhe ngalokho kundiza, lizokhuphuka ngaleya ngolunye lwalezizinsuku, ngiyakukholwa, ngakho konke okukimi. Lesisizwe esikhulu saseMelika sinyakaziswe saba yizicucu, akusekho okusele ngaphandle kokwahlulelwa. Unezinkozi phakathi lapha, Uzama ukuzilungiselela. UNkulunkulu akubusise.

¹⁷⁹ Manje, abafana bazokhipha amakhadi omkhuleko emizuzwaneni embalwa, emizuzwaneni embalwa nje.

¹⁸⁰ Bangaki othanda iNkosi na? Yisho omkhulukazi, osenhliziyweni, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Amen.” Lokho kuzwakala kukuhle. Ngiyathanda ukuzwa lokho. Nje ngi, ngiyanitshela ngizizwa ngikholwa ngempela, khona manje. Ngizwa sengathi ngingamemeza, nami, nje ngizizwa ngikahle ngempela phansi emphefumulweni wami. O, lapho ngibona abantu beza, baphakamise izandla zabo, amadoda amadala, izinsizwa, izintombi, bemile bekhala izinyembezi, besula ubuqhathanzipho, noma, leyonto iyini ebusweni babo ngeduku labo, kusho ukuthi uNkulunkulu uphakathi. Kunjalo, Ulapha.

¹⁸¹ Manje, nenekazi, angenzi...Lokho kulungile, lokho akuhlangene ngalutho nawe. Khumbulani lokhu: Kodwa akumfanele umKristu, lokho akubukeki njengomuntu ongewelisiwe kaNkulunkulu. Ake ngisho lokhu nje, kungabi yihlaya, lena akusiyo indawo yokwenza ihlaya: Cabanga nje ngalokhu, dadewethu, wena dadewethu ongumKristu ofaka lokho kuzipenda ebusweni bakho: Kungokwani na? Ukubonakala phambi kwabantu, hhayi uNkulunkulu. Kwakukhona owesifazane oyedwa owenza lokho eBhayibhelini, owesifazane oyedwa. Niyazi ukuthi wayengubani na? UJezebeli. Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani kuye na? Wamphakela izinja. Ngakho niyabo, uma ufaka upende, ebusweni bukaNkulunkulu uyinyama yenja nje. Futhi uyazi ukuthi kuyini na? Bababiza ngempisi namhlanje, bajikela ekhoneni, “*Whee-whewu!*” Inyama yenja. Ungakukhohlwa lokho. Izinja ezinkulu zesihogo zisemva kwakho, kungcono uqaphele.

¹⁸² Yenyukela phambi kukaNkulunkulu njengowesifazane wangempela, yenyukela lapho njengongcwele kaNkulunkulu, ube...gcoba iZenzo 2 ne 4 ezincane kuwe, kukulungele, uJohane omncane 3:16 uhamba ibanga elide; leyo yimpahla kaNkulunkulu yokuzilungisa yethu sonke. Ake sidedele izinhliziyi zethu zilungiswe ngalokho, hhayi ngezivumokholo, amahlelo, okhukhumele, omunye umfo omkhulu ukwazi konke.

...UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuPhakade.

¹⁸³ Ngize nginibone kulobubusuku, uNkulunkulu abe nani. Manje omunye uzo, uMfowethu Pitman uzothatha uhlelo kusukela manje kuqhubeke, futhi uzo...Bangaki abathembisa ukuba bangikhulekele kulobubusuku na? Ngileiyithi kakhulu ekutadisheni kwami ngenkonzo yethu kulobubusuku.

¹⁸⁴ UBilly, nabo, bazobe benikezela ngamakhadi omkhuleko kinina owafunayo cishe emizuzwini emibili noma emithathu.

UNkulunkulu anibusise. 

58-0316^A NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke
Salo Bese Lubhakuza Phezu Kwamachwane Alo
ENational Guard Armory
EHarrisonburg, EVirginia E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org